# UNkulunkulu Uyaligcina IZwi LaKhe

. . . ezinsukwini ezedlula. Futhi ngiyabonga kulowo owenza lomzamo wokungiculela uma ngifika, uDadewethu Angie noDadewethu Gertie. INkosi ibabusise. Uma ngizwa lokho, kubuyisa izinkumbulo zakudala. Ngaphambi nje kokusuka etabernakele, sasinemvuselelo enkulu, yobusika bonke, yokushumayela ngeNcwadi yeSambulo seNkosi uJesu. Futhi ngi . . . Cishe impela njalo ngeSonto ebusuku babecula iculo, *Bambelela Njalo*. Ngiyabonga, Dadewethu Gertie. Futhi ngijabula ngempela ukuthi basiculele lona futhi kulobubusuku.

2 UDadewethu Angie ubesho ukuthi ubethe ukusha izwi kancanyana nje. Awu, ungazizwa unesizungu. Nginjalo, nami. Kodwa, kulokhu ukusa, emva kokwenza abantu bahlupheke yonke inkonzo cishe yamahora amabili nohhafu . . . Lolo bekungolunye lohlobo lwami oluncinyane kakhulu. Ngakho, ngiphumele phandle, ngenkathi kumanzana emhlabathini, futhi, kusobala, yileyondlela engithola ngayo.

3 Kodwa, nje ngiyalithanda iZwi, futhi ikakhulukazi isibusiso sikaMoya oNgcwele neZwi. Futhi uma Ebusisa futhi esiza, nje impela angiyitholi indawo yokuthi ngiyeke, ngakho niyazi ukuthi kunjani. Manje, mhlawumbe kungabi kude kangako kulobubusuku, engifisa ukukukhuluma, ngenxa yokuthi ukusha izwi kancane, kodwa ngethembele kuNkulunkulu ukuba sithole isibusiso sethu nangosizo lwaKhe lokomoya esikudinga ngempela ezimpilweni zethu.

4 Futhi manje, njengoba uMfowethu Neville ememezele, nohlelo lwakhe, ohlelweni lwakhe, njalo. Futhi ngifisa sengathi wonke umlaleli angalulalela lolohlelo. Manje, akangitsheli ukuthi ngikusho lokhu. Kodwa angikaze ngibusiseke kangaka ekulaleleni uhlelo, njengoba ngabusiseka ngoMgqibelo odlule. Bangaki abawuzwa lowomlayezo na? Wawuwubuciko. Ku WLRP, ngelesishiyagalolunye nqo lize ligamanxe elesishiyagalolunye, njalo ngoMgqibelo ekuseni, abakwaNeville abacula ngabathathu.

5 Futhi ngangikhuluma nomfowethu oqophayo, uMfowethu Leo, osekamelweni. Futhi lamthatha kakhulu, ngangokuthi akazange . . . Wathi, "Awusho, ubani lomshumayeli?" Uvule umsakazo. NoMfowethu Gene, noma abanye babo, bathi, "NguMfowethu Neville. Yisikhathi sakhe lesi." Futhi kwakuyisimangaliso ngempela. Kungesikho lokho kuphela, kodwa bonke.

6 Ngizonitshela isizathu sokuba ngithande ukuzwa uMfowethu Neville ekhuluma. Hhayi kakhulu ngoba ngiyazi ungumshumayeli okahle, kodwa ngoba uyakuphila akushumayelayo. Futhi ngingaqoka ukuthi ungiphilele intshumayelo kunoma ungishumayeze yona. Iyoba ngesebenza kakhulu.

7 Futhi manje ngimemezelile, kumenyezelwe, ukuthi ngizokhuluma ngokuthi, kulobubusuku, imizuzwana embalwa ngokuthi: *UNkulunkulu Uyaligcina IZwi LaKhe.*

8 Futhi kulokhu ukusa, bengikhuluma ngokuthi: *UkuziFanisa NobuKristu.*

9 Futhi, manje, iNkosi ayenezele izibusiso zaYo manje sisafunda iZwi laYo. Futhi ngifuna ukufunda ezindaweni eziningana emBhalweni, okungenani ezintathu, kumbe mhlawumbe ngicaphune eminye futhi. Ngoba, yiZwi esikhuluma ngalo. ENcwadini yokugcina yeBhayibheli, iNcwadi yeSambulo, emva kokuba iBhayibheli eliphelele seli . . . seliphelile, nanku u—umlayezo owawuya eBandleni. Esahlukweni 22 seSambulo, futhi siqale ngevesi 17.

> *UMoya nomlobokazi bathi, Woza. N*owomileyo makathi, Woza! . . .*nozwayo makathi, Woza. Nowomileyo makeze. Othandayo, makathabathe* okwamanzi *okuphila ngesihle.*
>
> *Ngiyafakaza mina kubo bonke abezwayo amazwi esiprofetho salencwadi, Uma ekhona owenezela kulokhu, uNkulunkulu uyakwenezela kuye izinhlupho ezilotshiwe kulencwadi:*
>
> *Futhi uma ekhona osusa utho kuwo amazwi encwadi yalesisiprofetho, uNkulunkulu uyakususa isabelo sakhe encwadini yokuphila, nasemzini ongcwele, nakulokhu okulotshiwe* encwadini.
>
> *Ofakaza ngalezizinto uthi, Yebo ngiyeza masinyane. Amen. Yebo, woza, Nkosi Jesu.*
>
> *Umusa weNkosi yethu uJesu Kristu mawube-nani nonke. Amen.*

10 Futhi bese kuba ngale kuJohane oNgcwele, isahluko 12 sikaJohane oNgcwele, futhi siqale ngevesi 39.

> *Ngalokho babengekholwe, ngokuba uIsaya washo futhi ukuthi,*
>
> *Uphuphuthekisile amehlo abo, wayenza-lukhuni inhliziyo yabo; funa babone ngamehlo, baqonde ngenhliziyo, baphenduke, ngibaphilise.*

11 Futhi bese kuba kuMathewu oNgcwele, isahluko 24, nasevesini 35, uJesu ekhuluma.

*Kuyakudlula izulu nomhlaba, kepha amazwi ami awasoze* neze *adlula.*

12 Nakwabase Galathiya 1:8.

*. . .noma kungaba-yithina, noma ingelosi evela ezulwini, enishumayeza elinye ivangeli eliphambene nalelo* enilemukele, *makabe* kini *ngoqalekisiweyo.*

13 Manje asikhothamise amakhanda ethu okwesikhashana nje, okwezwi lomkhuleko.

14 Nkulunkulu wethu, siza kuWe eGameni leNdodana yaKho ethandekayo, Esiyale ukuba size, ithi, "Celani kuBaba noma yini eGameni laMi, Ngiyolwenza." Ngakho siyeza, eGameni likaJesu, ukuba kuqala siphenduke esonweni sethu uqobo nasephutheni lethu; nokucela Wena ukuba usihlanze kubo bonke ububi bethu, nokuhlanza ukucabanga kwethu, ukuthi sizocabanga ngezinto ezifanele, neziqondene noMbuso kaNkulunkulu. Futhi kwangathi imicabango yethu ingaba, kulobubusuku, sentweni ezokwenza-ngcono uMbuso kaNkulunkulu, futhi yenze-ngcono abantu abaseMbusweni. Futhi kwangathi izinhliziyo zethu zingahlanzwa kuzozonke izinto ezingcolileyo. Sifisa ukuhamba sime ngqo phambi kwaKho, nezandla ezihlanzekileyo nenhliziyo emhlophe. Futhi, o, nguNkulunkulu yedwa ongenza lokhu.

15 Futhi siyakhuleka, Baba, ukuba uhlanze izandla zethu nokuthi uhlambulule izinhliziyo zethu. Sigeze emanzini okwehlukanisa, ezintweni zezwe, ngeZwi. Futhi kwangathi, ngeZwi, Wena othe, "Nihlanzekile, ngeZwi." Sikhulekela ukuthi iZwi lizohlolisisa ngokujulile kuzozonke izinhliziyo zethu kulobubusuku. Futhi lizosihlanza kunoma yikuphi ukungakholwa, ukuthi kwangathi inhliziyo yethu ingahlunyelelwa kuMoya oNgcwele. Futhi kwangathi Angaletha kithi, kulobubusuku, lezozinto ezizoba wusizo eMbusweni kaNkulunkulu. Siza labo, Nkosi, aba—ababuthakathaka endleleni, benokuthi, bethola ubunzima ekukholweni yiZwi.

16 Futhi, O Nkulunkulu, ngalelihora elimnyama nelinokukhohlisa esiphila kulo, futhi njengoba sibuka ngaphambili ebucayini bezwe, sibona ubumnyama kuphela ngaphambili. Futhi Wena uthe, "Bhekani phezulu, uma lezizinto seziqala ukwenzeka, ngokuba ukuhlengwa kwethu sekuyasondela." Futhi kwangathi singayalwa kulobubusuku, nangoMoya oNgcwele, ukuba sikuthathe lokhu kuye enhliziyweni, ukuba sibheke phezulu ebusweni bukaNkulunkulu waseZulwini, Othembise ukuhlengwa kwethu ngalesisikhathi. NanjengoJohane, esiqhingini, wakhuleka, "Yebo, woza, Nkosi Jesu."

17 Futhi sikhulekela ukuthi Uzosipha lezizinto, kulobubusuku. Futhi uphilise bonke labo abagulayo nabahluphekile. Futhi ududuze abangcwele. Ubizele izoni ekuphendukeni. Futhi usihlumelelise sonke, ukuba sikwazi ukuhamba sisuka lapha,

sizibophe zaqina izikhali ezigcwele zikaNkulunkulu, ukuba siye phambili njengamabutho alungele impi elele ngaphambili.

18 Manje, njengoba sibuthene kulobubusuku, ngamunye emkhulekweni, nefulegi phezu kwethu, iNkanyezi yoKusa ihola indlela! Nesixuku esikhulu sesitha sikanekisile naso, nomkhulu ocela inselelo uyaphuma futhi aqhoshe, esho ukuthi, "Lezizinsuku zezimangaliso selwedlule." Kodwa, O Nkulunkulu, sivusele uDavide, iqhawe, ocela inselelo. Futhi kwangathi lowoMoya ungahlala kuyoyonke inhliziyo, kakhulu. Ngokuba sikucela eGameni likaKristu. Amen.

19 Ekusondeleni kulendaba ebaluleke kakhulu, futhi ayiqondisiwe kunoma yinkolo kanoma ubani, noma ukucasula, noma ukuthikameza, noma ukwenza isitha. Kuphela iqonde ukubuthana nokuhlanganiswa kwabantu bakaNkulunkulu ndawonye. Nesizathu esenze ngikhethe ukukhuluma lokhu etabernakele kulobubusuku, yingenxa yesimo sesikhathi esiphila kuso. Ngi—ngikholwa ukuthi sise—sekuqaleni kwento ethize izwe lonke eliqondayo ukuthi izokwenzeka. Akekho obonakala ebeka umunwe wabo nje phezu kwakho, kodwa nokho siyazi ukuthi kukhona okuzokwenzeka. Akusikho lapha kuphela. Kusezindaweni zonke.

20 Futhi ngicabanga ukuthi bekuzofanelana kakhulu, kulobubusuku, uma besingathatha lesisikhathi, abantu besabuthene ndawonye, ukukhuluma ngento ezoba semqoka ngokubaluleke kakhulu, uku senza sibengconon, ukusibangela ukuba siqonde, nokusihlomisa ngoku—kuqonda okungcono kukaKristu nokweVangeli, nesikhathi esiphila kuso.

21 Manje, ukuqala nje, ngifisa ukusho lokhu, ukuthi, esikhathini esingeside esedlule ngangisekholiji lamaLuthela. Nabazalwane baseLuthela bathi kimi, emva kokuba sebengibhalele incwadi, ukugxeka okunesankahlu ngempela, inhloko. Futhi ikhuluma futhi ingitshela izinto, ukuthi—ukuthi ngangiyi "sanusi," neziningi izinto ezimbi okungukuthi, ngempela, abakwazanga ukukufakazela. Ngoba, ngathi, "UDeveli angephilise."

22 Manje, uma uDeveli engaphilisa, ungumdali. Futhi, uMdali, Munye kuphela, futhi lowo nguNkulunkulu. UDeveli angeke adale.

23 UDeveli akasuye osezindaweni zonke. Angaba sendaweni eyodwa kuphela ngesikhathi esisodwa; amademoni akhe akhona, ezindaweni zonke. Kodwa, uNkulunkulu ungosezindaweni zonke. UDeveli angaba khona kuphela endaweni eyodwa.

24 UNkulunkulu ungumninimandla. UDeveli unamandla anqunyelwe, okungukuthi, inqobo nje uma engaphosa phakathi ukukhohlisa kwakhe. Futhi into kuphela anayo ngokomthetho, ngukuba akubuyisele othulini lomhlabathi.

Yileyonto kuphela anayo. Futhi, lokho, noma kunjalo futhi, nesibusiso sikaNkulunkulu, isithembiso sikaNkulunkulu, esokuvuka.

25 Ngakho, uNkulunkulu nguyena kuphela uMdali, futhi uNkulunkulu nguye Yedwa Ongakha amangqamuza okuphila. Namangqamuzana okuphila ngokudaliweyo, nokudaliweyo kufika ngoNkulunkulu kuphela. Ngakho, uNkulunkulu nguye yedwa ongumphilisi, futhi akukho okunye ukuphilisa ngaphandle kokuphilisa ngokukaNkulunkulu.

26 Sinodokotela abadumileyo abangaliqondisa ithambo; kodwa uNkulunkulu uyaphilisa. Sinodokotela abangawukapuluta upopopo, noma basuse isimilela, okuyinto kuphela efanele ukuthi yenziwe. Kodwa ubani owenza ukuphilisa na? NguNkulunkulu owenza ukuphilisa, ngokuba nguYena kuphela onguMdali.

27 Manje, futhi wathi, "Uthini-ke ngathi, iLuthela na? Ucabanga ukuthi usithatha njengamaKristu na?"

28 Ngathi, "Kakhulu impela." Ngathi, "UMbuso kaNkulunkulu ubunjengomuntu owatshala ummbila ensimini. Futhi ekuseni, waphuma futhi wabuka, futhi nakho kwakukhona imicu emibili emincane eqhumayo, ekuqaleni kwentwasahlobo. Nomlimi wathi, 'Awubheke insimu yami yommbila!' Manje, ngabe wayenawo ummbila na? Sekungashiwo, wayenawo, kodwa awukabi sesikhwetshini."

29 Manje, kunjengokuthi nje uma ngikunike i. . . Ungicele isihlahla som-oki, futhi ngakunika uhlamvu lwe-oki. Sekungashiwo, unesihlahla som-oki, ngoba isihlahla som-oki sisohlamvini lom-oki. Futhi, manje-ke, ohlamvini lommbila, unawo ummbila, kodwa nokho sekungashiwo nje ukuthi ukhona. Unenhlamvu. Manje, umlimi wathi, "Awubheke indima yami yommbila. Awumuhle yini na? Ummbila wami!" Wawubiza ngommbila, nokho, ubusesekuhlumeni.

30 Emva kwesikhashana, lolohlanga lommbila lwakhula lwaze lwaba yintshakaza. Intshakaza yilapho kuvela khona impova, noma impova iwa ivela entshakazeni, okubangela ukuzaleka kommbila, ukuzalisana phakathi kwesilisa nesifazane. Manje, uma-ke intshakaza iibingabuka emuva bese ithi e—ekhasini, "Manje, angihlanganise lutho nawe. Awukho ngisho nasemfanekisweni. Mina ngiyinto ehlukile. Ngiyintshakaza. Yimina engaziwayo. Awunalutho ongakwenza kuwo na?" Kodwa, nokho, ngaphandle kwekhasi, ummbila ungeke uveze impova, ngoba intshakaza iqathakela ekhasini, futhi yilapho isikhwebu sivela khona. Nokuphila okufanayo okuse—sekhasini kusentshakazeni futhi.

31 Emva kwesikhashana, kuvela isikhwebu. Nesikhwebu siyavela, inhlamvu. Futhi, manje-ke, inhlamvu ithi entshakazeni, "Angihlanganise lutho nawe. Awukho

ngisho nasemfanekisweni.” Kodwa ukuba bekungenganxa yentshakaza, bekungeke kubebikho-nhlamvu.

32 Ngakho into yile, ngukuthi, uhlanga oluncane kwakuyimvuselelo yamaLuthela; nentshakaza kwakuyimvuselelo yamaMethodisti; nesikhwebu yilemvuselelo. Kodwa, konke kanyekanye, uMoya ofanayo, ukuPhila okufanayo okwakusohlangeni oluncane lommbila, kwasekuqaleni, kungukuPhila okufanayo okusenhlamvini.

33 Manje, into kuphela amapentecostal . . . Ngiqonde ipentecostal yangempela, hhayi le ebizwa kanjalo. Kodwa, uMlayezo wangempela wamapentecostal awulutho kuphela ungukubuyiselwa kweNto efanayo eyangena emhlabathini, ebithwelwe yedlula kwiLuthela, iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian. Niyabo? Manje isifika nje esikhwetshini. Futhi manje ngi . . .

34 Njengoba ngikuzonda kabi ukwenza lesisitatimende, bekukhona isikhunta esimila kuwo. Futhi nina balimi niyazi ukuthi yini leyo. Kuyinto elingisa isikhwebu. Manje, yilokho esifuna ukusika kukho, kulobubusuku. Ngoba, uma ungasisusi emmbileni wakho, sizobangela ukuba yonke indima ibe yimbi.

35 Ngakho, leyo yinto eyodwa engifisa ukuyicacisa, ukuthi, abantu bamabandla amahlelo onke, njengoba enyuke edlula ezikhathini ezinkulu, ubuvuthwa. Futhi manje ibandla lisembewini, futhi lifanele liveze into efanayo eyangena emhlabathini. Ngakho, yiBandla nje eselivuthwe ngokugcwele esiphila kulo. Nengxenye eyodwa ingeke yathi *kanje* kwenye ingxenye, ngokuba zaphila kahle ngosuku lwazo. Futhi zaziyindima yommbila ebusweni bukaNkulunkulu, ngakho asifisi ukubukela phansi noma ubani.

36 Kodwa bekukhona ezinye izifundiso namhlanje, ikakhulukazi ekusakazeni okudume emhlabeni wonke, obekubukela phansi iZwi likaNkulunkulu, futhi kusho, ukuthi, “UNkulunkulu wakhe ebandleni, futhi hhayi eZwini.”

37 Ngizwe omunye wothisha abadumile, ekuhlweni okumbalwa okwedlule, wathi, “Walithathaphi iBhayibheli lakho na? Ngithatha ngokuthi kwakunguNkulunkulu ethatha umcabango wokunilobela iBhayibheli phezulu eZulwini, futhi uwunikeza iziNgelosi ezithile ezincane, futhi ziyehla ngamaphasiji eZulu zase zilinika ninabantu.” Wayesesho, ukuthi, “Akekho owayengaphila ngokufundisa kweBhayibheli. Futhi Lalingenabo ngempela ubufakazi beqiniso.” Futhi bazisho ukuthi bangukuqala kokuqala kweBandla.

38 Manje, labobantu, manje, osonta kulelobandla, bangabesilisa nabesifazane njengathi, futhi bayathanda, futhi bayadla, futhi bayaphuza. Futhi ngabe ikhona indlela yokukumisa na? Ayikho uma iBhayibheli lithi kuzoba ngalendlela; futhi Liqinisile.

39 Kodwa, ukunikhuthaza, engifuna ukuzenza ngicace kahle futhi kube sobala. Awu ngikholwa ukuthi *Leli* ngelikaNkulunkulu eligcwele, elingenakuphosisa, iZwi elimsulwa, okungenezelwe lutho noma kususwe kuLo. Liwuhlelo lukaNkulunkulu oluphelele lweBandla laKhe. "Akukho-sisekelo omunye umuntu angasakha, kodwa yileso esesivele sibekiwe." Niyakubona na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Yingakho ngikholelwa ekungaphosisini kweZwi likaNkulunkulu. Ngathi, komunye walabobantu, "Kuphi lapho enathi leliBhayibheli laliyilo, ibandla lenu na? Ibandla lenu laloba leliBhayibheli na?"

"Yebo, abangcwele bakithi baloba iBhayibheli."

40 Ngathi, "Pho kungani Lithathwe kanje, ukuthi nehluke kakhulu namhlanje kuleliBhayibheli na?"

41 "Awu," wathi, "uyabo, lawomadoda ayephila komunye unyaka, thina siphila komunye unyaka."

42 "Kodwa," ngathi, "UNkulunkulu wayephila kuwo wonke unyaka. NeBhayibheli, uma Liphefumulelwe, LinguNkulunkulu ongenakuphosisa Owaloba iBhayibheli. Futhi Washo, eZwini laKhe, ukuthi, 'Kodlula amazulu nomhlaba, kodwa amaZwi aKhe awafanele neze edlule.'"

43 Manje, kucishe kushaqise impela kumuntu ongakaze acabange ngokubona lezizinto zisondela. Kodwa, ukuba kuphela benazi, kuphela kungukugcwaliseka komBhalo. Njengoba ngikuzonda kabi ngempela ukusho lokhu eMelika, nemifekethiso yethu nezinto esinazo kulokhu okubizwa ngeminyakazo yezenkolo namhlanje. Kungesikho ukubehlisa isithunzi; abantu bakaNkulunkulu bakhe kuwo. Kodwa, ngifisa ukusho lokhu. Ukuthi, kufike eMelika, esusile futhi yaqhela, bobabili iKatolika neProtestane, ekufundiseni kweZwi, futhi bazithathele inqubo. Nalenqubo iyinqubo yokuhlakanipha eveza ubuhle obukhangayo esikhundleni seZwi. Nabantu baseMelika bathathwa wubuhle obukhangayo. Abantu baseMelika sekubeyindawo yokuthi kukhonzwe onkulunkulukazi.

44 Nginokubahlonipha ngokujule kunakho konke nokuphakeme kunakho konke abesifazane. Umama wami ungomunye, nomkami, futhi nginamadodakazi amancane. Nowesifazane ogcina indawo yakhe, futhi eyinenekazi, ayikho enye into eyigugu kakhulu ngaphandle kwensindiso, esizweni sakithi, kunowesifazane wangempela.

45 Kodwa, uma sekuza endaweni, ukuba kukhonzwe owesifazane, khona-ke niphumile eplanini yeBhayibheli. Akukho-plani eBhayibhelini yokuba kukhonzwe noma yimuphi owesifazane, uMariya, noma uCecilia oNgcwele. Akukho nelilodwa ichashaza lomBhalo wakho. Futhi, kuphambene, Uphambene nokunjalo. Manje-ke kungani kwabanjalo, uma lokhu kwakungukuqala, laba abahamba noKristu, futhi baloba

ngokuphefumulelwa . . . Ucabanga ukuthi bengingathatha noma yiliphi izwi lomuntu ngakho na? Qhabo, mnumzane. Yi *leli* iZwi likaNkulunkulu laPhakade.

46 Manje, umfundisi, noma umpristi owakhuluma kimi, wathi, "UNkulunkulu usebandleni laKhe."

47 Ngathi, "UNkulunkulu useZwini laKhe." UNkulunkulu useZwini laKhe. IBhayibheli lathi, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba-yinyama wakha phakathi kwethu." UNkulunkulu useZwini laKhe.

48 Manje qaphelani, eTestamenteni eLidala, babenezindlela ezimbili zokuqonda umlayezo ukuthi uqinisile. Ukuthi uma umprofethi eprofetha, noma umphuphi ephuphe iphupho, babekusho lokho ngaphambi kwe—kwesihlangu sesifuba sika-Aroni. Isihlangu sesifuba sika-Aroni sasinamatshe okuzalwa okhokho abayishumi nambili kulesisihlangu sesifuba. Wayesifaka esifubeni sakhe ukukhombisa ukuthi wayengumpristi omkhulu wezizwe eziyishumi nambili zakwaIsrayeli. Futhi kwakuthi uma bekhuluma lombono, noma bexoxa leliphupho; futhi uma uNkulunkulu ekuqinisekisa, kwakubakhona ukuKhanya okungaphezu kwemvelo okwakufika kuzungeze kuleUrimi Thumimi, futhi kuqinisekise ukuthi lowomlayezo wawuyiqiniso. Akunandaba ukuthi wawubonakala uyiwo ngempela kanjani, akunandaba ukuthi wawubonakala ufithana kahle kanjani kanye nesikhathi; uma ukuKhanya okungaphezu kwemvelo kwiUrimi Thumimi kungazange kubaneke, wawenqatshwa, ngoba uNkulunkulu wayengekho kuwo.

49 Futhi ngiyasho, namhlanje. O, ngifuna nizwe. Noma yimuphi umlayezo, othathwa ngokuthi ubuvela kumpristi, kumshumayeli, kumprofethi, kunoma yini enye, noma yimuphi umuntu; akunandaba ukuthi ungowokomoya kangakanani, ukuthi isikhundla sakhe siyini, ukuthi wenzeni, uma evuse abafileyo, uma ephilise abagulayo; uma engumbhishobhi omkhulu waseCanterbury, uma enguphapha waseRoma, uma eyinhloko yanoma yiliphi ihlelo elikhulu; akunandaba ukuthi ungowomoya kangakanani, noma ekhulume ngezilimi, noma esine eMoyeni, noma eshumayele iVangeli; akunandaba ukuthi wenzeni, uma umlayezo wakhe ungaveli eBhayibhelini, uyiphutha. Yi *le* iUrimi Thumimi kaNkulunkulu.

50 Ngenkathi iBhayibheli seliqediwe, ingelosi yehla, yayikhuluma kuJohane. Sekufika uJesu, uqobo lwaKhe, wathi, "Mina, Jesu, ngathuma ingelosi yaMi ukuba ifakaze lezi zinto. Futhi manje vala leNcwadi, kodwa ungaYinamathiseli ngophawu. Ngokuba osusa noma yini kuLo, noma enezele noma yini kuLo . . . " Lelo yiZwi likaNkulunkulu.

51 UPawulu, ekubambisaneni noMoya, wathi, "Uma iNgelosi evela eZulwini," hhayi umbhishobhi omkhulu, hhayi uphapha, hhayi isikhulu sesonto ukhadinal, "kodwa uma iNgelosi evela eZulwini, ilethe omunye umlayezo kunalowo oyikhona lona lapha, mayibe kini ngeqalekisiweyo." [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kathathu—Umhl.]

52 Kodwa manje silungiselela. . . Njengaseminyakeni eyedlula, ngoMoya oNgcwele, bengihlala njalo nginitshela, ngaphambili. Ngenkathi kuvuka uHitler noMussolini, ngathi, "Kuyoqonga. Ubukhomanisi buyothatha yonke into, futhi behle buvela enyakatho."

53 Manje amehlo enu awaqaphele lokhu, bandla. UDeveli usabalalisa lemfundisoze, futhi ayi—ayihambisani nomBhalo. Ingeyokudida umqondo wabangafundile, abantu abangesibo abakamoya. Futhi siphila osukwini oluhle kakhulu kunazo zonke noma yibaphi abantu asebake baphila kulo; kepha nokho osukwini olumnyama kunazo zonke, kwabangakholwayo, ukuthi ba. . . nesikhathi esidida kakhulu kunazo zonke, kubo, labo abangazi. Kuyamangalisa, njengosuku esiphila kulo. Futhi kuyinjabulo enkulu ukwazi ukuthi ihange lakho liyabambelela, manje, namhlanje, njengoba sisondela kulesi esimnyama, isikhathi esibi.

54 Manje, angithandi ukubiza abantu, amagama, kodwa ngizobiza igama lomuny'umuntu manje. Kodwa, ngiyayikhulekela insizwa. Futhi ngiyikhulekela, ngaso sonke isikhathi, yona. Kodwa, iyithuluzi ezandleni zikaDeveli, futhi leyo yilendoda, uElvis Presley. Abantu basanganiswe wodumdum bopiyano, noma wumdanso wokuzibinyabinya. Abantu baseMelika sebephelile. Futhi bayazama, ngalowomoya ofanayo, ukungenisa into ebandleni. Ngiyawuthanda umnyuziki wasebandleni odlalwa njengomnyuziki wasebandleni, futhi hhayi umdanso wokuzibinyabinya ebandleni. Kodwa uma bethola lemimoya, kukhona okuthize okusemva kwalokhu, noDeveli bese eziphonsela yena inselelo.

55 Futhi kwenzeka ukuba lomfana-ndini, oyiPentecostal, ohlubukile, athi, indlela afunda ngayo isu lakhe elihlakaniphile lokudlikizeka nokuqhaqhazela, wali "bamba futhi walifunda ebandleni." Uyilunga le First Assemblies of God, yaseMemphis, eTennessee. Umelusi wakhe ungumngane wami.

56 Futhi uyithuluzi likaDeveli, lokudukisa ngamacebo nokonakalisa imiqondo yalamatshitshi namabhungu, lokubafaka endaweni baze. . . Basanda kusuka eCanada, ngicabanga ukuthi bathumela intsha eyishumi nane endaweni yokulondoloza izinhlanya, ezinsukwini ezimbalwa emva kokuba wayekade elapho. Nasezweni lonke, kodwa abantu sekubasanganisile, ngokuphiyazela.

57 Isizathu sokuba benze lokho yingoba abazi lutho okungcono. O, ngifisa kangakanani ukuthi ngabe bebeyazi iNkosi uJesu; kungcono kakhulu kangakanani! Angilahli ngokugxeka; ngiyasidabukela isidalwa esisazokufa. Futhi manje bekungeke kufaneleke, osukwini esiphila kulo, ukuthi uma izinto zihamba ngendlela eziyiyo . . .

58 Nesithixo saseMelika yintombazane yaseHollywood enobuhle obukhangayo. Lapho, ihamba phambili ngesitayela kuyo yonke iMelika. Lapho, ake iphume igqoke izingubo zayo zokonakala, futhi ngokwangempela bonke abesifazane eMelika bayolingisa yona ngefeshini.

59 Kwaku—kungubuhlungu benhliziyo kimi, esikhathini esingeside esedlule, ngimi eRoma, ngenkathi amaphephandaba enikeza isihloko salona wesifazane ababenaye ephepheni ngolunye usuku, wayezoba nengane eHollywood, owesifazane. Futhi bathi, ephepheni, amaphephandaba . . . Okungukuthi, umngane wami, uBaron Von Blomberg, wayekwazi ukukhuluma izilwimi eziyisikhombisa ezehlukene futhi walifunda iphepha ngokucacile. Wathi, "Angahle ukuba ungunkulunkulukazi waseMelika, kodwa ulapha isifebe saseRoma." Ihlazo elinje pho! Manje, bafanele babenezinto ezinjalo, okuzokwenzeka, ukubhekana nomoya wosuku.

60 Yingalesosizathu ukuthi lelibandla lingena nokukhonzwa kukaMariya, okwabanye besifazane, nezinto. Yilowomoya ofanayo, phansi kwenhloko yezenkolo. Futhi yingalesosizathu befanele bakhiphe umqondo wakho eZwini likaNkulunkulu elimsulwa, ukuba baveze lolohlelo. Impela.

61 Niyakubona ukusonteka esikukho na? Niyayibona intsha yaseMelika, ukuthi simo sini ekuso na? Lowo ngabesifazane nabesilisa bakusasa. Akumangalisi uJesu athi, "Uma lezizinsuku zingafinyezwa, kungesindiswe-nyama." Ngakhoke, ngisekele imicabango yami lapha, ukuthi sisesikhathini sokuphela. INkosi uJesu izofika masinya.

62 Kodwa, umoya wosuku, o, ningakubona na? Thathani ukucabanga kwenu. Ningabona ukuthi kwenzekeni na? Ngaphambi kwalesisiwombe sokuhlaselwa, okuzayo, ukuletha uphawu lwesilo nokugcwalisa imiBhalo, ngokuphoqa abantu, emva kokuba ukubanjwa sekutholakele njengoba nje kunjalo kwamanye amazwe, bebaphoqelela ezintweni abangazemukeli, ukubangela ukuhlushwa nokuduba ukuba kufike. Ningayibona ukuthi iMelika ithathwe ngubuhle obukhangayo nonkulunkulukazi na? Nalena yinkokhelo, uDeveli endaweni esezingeni lenyama, enza indlela yalokhu ukuba kuziveze. Amen. Ngiyethemba niyakuqonda lokhu. Zicwecweni kukho. Angikhathali ukuthi bangaki oD.D., oPh.D., kumbe noma ngabe yini esemva kwakho; kungamanga.

63 "Onke amazwi omuntu awabe ngamanga, futhi awaMi abe yiqiniso," isho iNkosi. "Ngokuba kodlula amazulu nomhlaba, kodwa amaZwi aMi awasoze adlula." IZwi likaNkulunkulu laPhakade lidinga ukuthi abantu bayophinde bazalwe futhi. Noma yini esilele kulokho, balahleke iPhakade. Akunandaba ukuthi usonta kuliphi ibandla, noma igama lakho likuphi, noma ukuthi wenzeni; kulahlekile. IZwi likaNkulunkulu alisoze lalahleka.

64 Manje, okuningi kakhulu kwalokho. Futhi ngethemba ukuthi niyakuthola eMoyeni okunikezwe ngawo. Ninabantu abathandekayo abangamaKatolika, anginibukeli phansi. Ungumngane wami. Futhi uma ubungesuye, nhlosoni . . . Uma ngime lapha, ukulwa nawe, ngifanele ngiye ealtare ngenze inhliziyo yami ibuyisane noNkulunkulu. Ngimi lapha ngilusizi, ukuba ngikusho; kodwa uMoya, ngokweZwi, elingicindezelayo ukuba ngikusho, nokuba ngexwayise umhlambi lowo uMoya oNgcwele osenze ukuba sibe ngababonisi.

65 Nokubona lezizinhlelo ezinkulu esizweni sonke, izihlekisa ngempela ngaleloBhayibheli, zathi, "Linjengobhuku lodaka ohamba udabule kulo. Akekho owayengaphila ngaLo." Lokho kuqinisile, masinya nje uma kunaka inyama.

66 Kodwa uMoya oNgcwele yiWo obusa futhi ohola umuntu. Kwangathi iNkosi inganenza niyibone incazo.

67 IZwi likaNkulunkulu lingukuqala, nokugcina, neliPhakade, ingunaphakade. Uma uNkulunkulu eke wakhuluma iZwi, Lingeke neze laguquka. UNkulunkulu, phambi kokusekelwa kwezwe, wathi, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi." Futhi yini i "Zwi"? Ngumcabango ozwakalisiweyo. UBaba, uNkulunkulu, ebona icebo lokuhlengwa, Wabuka ngale kwalo, futhi wabona ukuthi uSathane wayenzeni. Futhi Wacabanga, futhi Wabona uhlelo kuphela; ngumcabango manje. Kodwa ngenkathi Ewuzwakalisa, wabayiZwi. Futhi uma waba yiZwi, ungeke neze wafa; Lizofanele libe-Phakade. Ngokuba iZwi laKhe ngeke lehluleka kunoma Yena engehluleka. IZwi laKhe lingeke lingabi nakuPhila kunoma Yena engaba ngongenakuPhila. IZwi laKhe! Amadoda asendulo, iminyakanyaka, ifunde leliBhayibheli. Liphefumulele amabandla selokhu laLotshwa.

68 Bengingakulobela incwadi, ubungayijabulela, uthi, "Mfowethu Branham, ngiyayijabulela incwadi yakho." Nguwe kuphela umuntu ebibiza yena. Emva kokuba isiphumile isikhashana, leyoncwadi iba ngengenamsebenzi, ngaphandle uma ibingubufakazi obubonakalayo obungivunayo noma obuphikisana nami.

69 Kodwa uma uNkulunkulu eke wakhuluma, kungokwesintu sonke. Futhi Lihlala lilisha nje, kulobubusuku, njengoba Lalinjalo ngehora eLakhulunywa ngalo. UNkulunkulu wakhuluma wayesethi, "UKristu wayeyiWundlu elahlatshwayo

kusukela ekusekelweni komhlaba." Ngenkathi uNkulunkulu, ngohlelo lwaKhe nomqondo waKhe, futhi walukhuluma, uKristu wahlatshwa khona lapho, kuYe empeleni akahlatshwanga kwaze kwaba seminyakeni eyizinkulungwane ezine kamuva. NoNkulunkulu phakathi lapho, ngokwazi ngaphambili, wabona ukuthi ubani owayezosindiswa nokuthi ubani owayengeke. Futhi lapho amagama ethu alotshwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu, ekusekelweni kwezwe, futhi ahlanganiswa neWundlu elahlatshwayo.

70 NeBhayibheli lathi, ngezinsuku zokugcina . . . Lalelani! "Nomphikukristu wadukisa wonke lowo owakhile emhlabeni, abamagama abo engalotshwanga eNcwadini yokuPhila yeWundlu kusukela ekusekelweni kwezwe." Hlalani neZwi!

71 Manje, ngiqaphelile, phakathi kwabazalwane bakithi, futhi ngisho lokhu kini maProtestane ngenhlonipho, hhayi ngenzondo, hhayi ngenhliziyo embi, hhayi ukuba nento engizoyisho. Kungaba lula ukukhuluma ngenye into. Kodwa, lokho, ngiyazi . . .

72 NeBhayibheli lathi, "Mlindi, yisikhathi sini sobusuku na?" Futhi uma umlindi ebona isitha siza, futhi ehluleke ukwexwayisa abantu, uNkulunkulu wathi uyobiza igazi labo esandleni somlindi. Kodwa uma umlindi ebaxwayisa, khona-ke umlindi ukhululekile.

73 Ngakho, ngifanele ngexwayise. Futhi phakathi kwabazalwane bakithi abangamaProtestane, ngiqaphelile, isikhathi esiningi, emva koMlayezo wami kulokhu ukusa, ngomoya omusha, bese kuba-ke nguMoya kaNkulunkulu e . . . Bangaki obelapha kulokhu ukusa na? Kulungile. Emoyeni omusha, noMoya kaNkulunkulu. Abaningi kakhulu benomoya omusha, bengenawo umoya kaNkulunkulu. Ngifuna lokhu kuqondakale.

74 Namhlanje, sithola okukhulu ukunyakaza kokudideka phakathi kwabantu abangamaProtestane. Futhi uma ngihamba ngiyongena emabandleni abo, kucasula kakhulu ngesinye isikhathi. Futhi manje ningixolele ngokusho kanje. Kodwa, njengoMoya oNgcwele . . . Njengokuthi, ngikhulume nomkami omncane ngemuva lapho, ngolunye usuku. Ngenkathi ngibone abazala bami belele lapho, bobabili bebuka, bebhekene ngobuso, njengoba ukuphila kwabo kwase kubiziwe. Oyedwa enobuhlalo bomkhuleko esandleni sakhe, njengeKatolika. Nomunye, umBaptisti, ngakolunye uhlangothi. Bobabili, abazala bami. Futhi ngababuka. Ngacabanga, "O Nkulunkulu omkhulu, zingaba kanjani lezizinto na? Ngabe ngehlulekile na? Ngabe kubekhona into ekhona na?"

75 Ngathi kunkosikazi, ngathi, "Kukhona izinto eziningi engingazazi, kodwa kukhona izinto engizaziyo." Ngathi, "Kusukela ngisengumfanyana, ngiwabhekisisile amanzi

esihlahla ngesikhathi sasebusika, ekunqamukeni konyaka, ahamba ehle aphume kulesosihlahla, futhi ahambe ayongena ezimpandeni, ukuba azifihle futhi azifudumeze ubusika bonke. Nngiwabonile ngokungaphezu kwemvelo, entwasahlobo, abuye ahambe akhuphuke, eza namacembe, nesithelo. Ngiyibonile imbali, ebuhleni bayo ehlobo, ikhothamisa ikhanda layo ebusika, esithwathweni, futhi ife; nembewu ibhubhe, nomthumbu ubhubhe. Futhi-ke ngibonile, entwasahlobo yonyaka, leyombali ibuye ivuka." Ngathi, "Ngiyakholwa. Ngiyazi ziyakwenza lokho. Ngikholwa ukuthi Lowo Obizwa ngoJehova uNkulunkulu, ngikholwa ukuthi lowoJehova uNkulunkulu uyakwenza lokho. Usebenza imvelo. NgiMbhekisisile, ngesihlahla sephayini, ngesihlahla sikapopo, noma ngesihlahla sebhish, ngesihlahla sama-apula, nazo zonke zehluka kwezinye. Nokuthi ukanjani umuntu, wenziwe ngendlela eyodwa nenye, konke kusungulwe nguNgqondongqondo, lowo kwakunguNkulunkulu." Ngathi, "Ngiyakwazi lokho."

76 Ngiyakholwa ukuthi uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu. Ngiyakukholwa lokho, emzimbeni waKhe, Wayengumuntu. Wazalwa ngowesifazane, njengoba nje nganginjalo, kodwa iGazi laKhe lalingesilo elowesifazane; lalingelikaNkulunkulu. NoJehova uNkulunkulu, iZwi-mcabango, Owafukama phezu komhlaba, (eMlayezweni wami kulokhu ukusa), futhi wafukamela umuntu wokuqala waphuma othulini lomhlabathi; wasibekela uMariya, futhi wafukamela phezu kwakhe, ukugcwalisa iZwi laKhe, futhi wadala ingqamuzana lokuphila leGazi elazala iNdodana kaNkulunkulu ophilayo. Ngiyakholwa, emzimbeni, WayenguMuntu. Ngiyakholwa, emphefumulweni waKhe, WayenguNkulunkulu. Wayengukubonakaliswa kukaNkulunkulu lapha emhlabeni. "UNkulunkulu wayekuKristu, enza (Yena) ukuba izwe libuyisane naYe." Ngikholwa ukuthi Wayengesuye nje umuntu-nje, kanjalo Wayengusuye umprofethi. WayenguNkulunkulu, uEmanuweli. Ngiyakholwa, ngenhliziyo yami yonke, lokho kuyiqiniso. Ngeke ngalifakazela leloqiniso, ngoba i. . . uma bengingakwazi, khona bekungeke kube ngokokukholwa. Kodwa ngiyazi ukuthi izihlahla ziyafika zihambe. Ngiyazi izimbali ziyafika zihambe. Ngiyazi ukuthi yonke imvelo iyajikeleza. Izwe lihlezi emkhondweni walo, ngaMandla athize adlula konke.

77 Nenye into engiyaziyo, ukuthi, ngomusa kaNkulunkulu, kukhona iNto efika kimi, ngesimo seNgelosi, ukuKhanya. Futhi Ingitshela izinto, ukuthi kuzokwenzekani, futhi ngiyakubona. Ngiyazi ukuthi akusikho okwemvelo. Kungikhombisa izinto, kusasele iminyaka, futhi akaze nakanye kuke Kwehluleke. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kathathu—Umhl.] Ngikholwa ukuthi KunguNkulunkulu ofanayo owayenoJosefa, owayenoDaniyeli, owayenoElija.

Ngikholwa ukuthi KunguMoya oNgcwele ofanayo owahola abantwana bakwaIsrayeli, ngeNsika yoMlilo.

78 Ngakho-ke, ngenelisekile ukuthi kukhona into, yokuthi iBhayibheli liqinisile, ngoba yonke imvelo, yonke into engiyibiza ngokuthi ukukholwa, yonke into engiyibhekisisayo, engingeke ngayifakazisa, ifakaza ngaleliBhayibheli ukuthi Liyiqiniso.

79 Ngibona uJesu. Wayengesikho lokho amaJuda acabanga ukuthi Uyikho. Wa—Wagcwalisa zonke izidingakalo uMesiya ayezoba yikho. WayenguMesiya.

80 Futhi ngiyabona uMoya wawuphezu kwalawomadoda lapho, ngiWubona wehlela khona lapha futhi wenza into efanayo. Ngakho-ke, bengiyikholwa eligxilile eZwini likaNkulunkulu ophilayo, akunandaba ukuthi kuqubukani okufekethisiwe.

81 Ngiyile emabandleni. Futhi ngikusho lokhu ngenhlonipho manje. Ngithola ukuthi, isikhathi esiningi, emabandleni, ngikholwa ukuthi abantu bathola umoya womunye nomunye, esikhundleni sikaMoya oNgcwele. Hamba ungene ebandleni bese ubhekisisa lapho umelusi mhlawumbe udlikizisa ikhanda lakhe; lonke ibandla liyokwenza. Hamba ungene ebandleni lapho umelusi ethi khona unamafutha ehla ekhanda lakhe; into yokuqala uyazi, bonke abahambisana naye bayakukholwa lokho, futhi banawo. Hamba ungene ebandleni lapho okukhona okuningi ukudansa nokugxuma nokugijima yonke indawo. Angizilahli ngecala lezizinto; ngikhuluma nje nge—ngiyaye ngikubone, ukunivezela i—iphuzu. Uma uzothola umelusi onamadlingozi ngempela, lonke ibandla liyoba namadlingozi. Uthola umelusi oyisitashi nol'khuni, nebandla lonke loba yisitashi futhi libe l'khuni. Ngikholwa ukuthi nemukela umoya womunye nomunye.

82 Thatha owesilisa olungile nowesifazane omubi, bese ubahlanganisa ndawonye, omunye uyoya komunye. Kuyoba ngukuthi kuba ngowesilisa omubi, noma owesifazane olungileyo. U . . . "Ababili bangehambisane bengavumelananga."

83 Futhi mangisho lokhu ngenhlonipho naseBhayibhelini. Ngayo yonke inhliziyo yami, ngizame ngakho konke lokho okuphakathi kwami, ukuba ngingabi neze ngumqophisani. Ngoba, umbono, ngokusa engabeka ngakho itshe legumbi, wathi, "Shumayela iZwi. Wenze umsebenzi womvangeli. Ufeze ukukhonza kwakho. Ngokuba kuyakuba-khona isikhathi abangayikuvuma ngaso isiFundiso esiphilayo; kepha bayakuzibuthela, ndawonye, benababafundisi benezindlebe ezibabayo, futhi bayofulatheliswa eQinisweni, baphambukele ezinganekwaneni."

84 Yini iQiniso na? "IZwi laKho liyiQiniso." UJohane 17, "Bangcwelise, Baba, ngeQiniso; iZwi laKho liyiQiniso." Manje . . .

85 Futhi uma nginecala, ngiyakhuleka ukuba uNkulunkulu angithethelele. Kodwa ngizama ngenhliziyo yami yonke ukwethula i—iZwi kubantu, ukuthi uMoya uzokwehla, uma sengima ekwaHluleleni, ngeke ngibe umoya othize ofekethisiwe wamaxoxo egxuma ephuma kubantu, noma amabhungane endiza, noma okunjalo, noma amafutha econsa ezandleni; kodwa kuyoba nguMoya, oseZwini likaNkulunkulu ophilayo owaloba kuleliBhayibheli, ngesipiliyoni seBhayibheli. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kane—Umhl.] Yilokho engikuzame kanzima.

86 Manje, ukwesekela umcabango wethu omncane esimilweni seBhayibheli. Ngicaphuna esisodwa, kulobubusuku, ukuhamba sihlanganise imicabango yethu ndawonye, ukuyenza ibhekane bese ngiyethula kini; bese-ke nenza ngayo noma yini lokho enikufisayo, lokho uNkulunkulu akubeka enhliziyweni yenu.

87 Asibuyele emuva singene emaKhosini okuQala isahluko 22, futhi sizothola lokhu, ukuthi kwakuke kwabakhona indoda, inkosi, egama linguAhabi. Futhi wayekade eyinkosi enamandla, indoda yempi, nendoda edumileyo; kodwa, esivivi, ikholwa elithiyeka emnceleni. Igama layo kwakunguAhabi.

88 Ekugcineni, umprofethi uElija, owayengoqinisekisiwe, umprofethi, wayememezele ukulahlwa ngokujeziswa kuka-Ahabi. Sekuyiminyaka emva kokushona kukaElija, kwakukhona umprofethi ogama linguMikhaya. Ngakho, uJehoshafati, uyise, wayengumuntu olungileyo, owayeyinkosi yakwaJuda, wehla ezovakashela uAhabi, inkosi yakwaIsrayeli.

89 No Ahabi wayenomkhulu, umbuso okhangayo. Manje bhekisisani, umbuso omkhulu okhangayo! Ngokuba wayenomncane, unkosikazi omdala ozipendile, ogama linguJezibele, futhi wayevele nje weshela sonke isizwe, ngaphandle kwabakhethwa, ezithixweni zesizwe sakubo.

90 Ngabe nina, o, bazalwane, ningawubona umoya walowodeveli ofanayo usebenza eMelika namhlanje, oJezibele abancane, umoya wokweshela amadodana kaNkulunkulu asuke kuKristu na? Ngisho lokho, hhayi ngokuhlekisa. Lena akusiyo indawo yamahlaya. Leli yipulpiti. Lapha yilapho okukhona khona isihlalo sikaNkulunkulu sokwahlulela; neZwi likaNkulunkulu lingumahluleli. Noma, Uyi . . . Lingukwahlulela kwaKhe, iZwi liyikho.

91 Manje qaphelani ukuthi kukanjani lo wesifazane omncane, kufanele ukuthi wayeyintwanyana ebukekayo ngempela, kodwa ngokoqobo wasithonya isizwe.

92 Futhi yini esithonywe ngayo namhlanje na? Khumbulani, ngibikezela lokhu, ukuthi iMelika ingumthandi wesifazane. Ingumkhonzi wesifazane. Umoya eMelika, ngokoqobo ingenwe yisifazane. Laba besifazane abancane bangafika kwiHollywood,

bangaphumela emgwaqeni futhi bathumele abaningi esihogweni kunawo onke amabhara otshwala obungawaqukatha ndawonye.

93 Kepha, nokho, esimweni sakhe esifanele, uyigugu enhliziyweni yowesilisa, nesibusiso eMbusweni kaNkulunkulu. Niyakubona na?

94 Manje bhekisisani umzuzwana nje. Futhi, qhabo, akusikho ukulimaza; hlalani nithule nje futhi nilalele. Nidedele uMoya oNgcwele unilethele khona. Manje, namhlanje, singene kulesosimo njengoba sasinjalo ngesikhathi sika-Ahabi. Awu, noma ngabe yini eyayishiwo ngowesifazane, yilokho okwenziwa nguAhabi. Manje, ngisho naphakathi ebandleni, bakhonza abesifazane.

95 Esikhathini esingeside esedlule, ulaka lwami olulungileyo lwaqubuka. EMexico, ngenkathi ngibone ohluphekayo, owesifazane omncane, ngazi ngaye, njalo, eza ehla, egaqa phezu kwamamayela amadwala ashisayo. Futhi lapho ubaba ehambisana, nengane isezingalweni zakhe, zimbili, nenye ilandela ihambisana nomama. Naye, ekhala, nesikhumba siphucuka sisuka emadolweni akhe, futhi edonseka ngezandla zakhe emadwaleni, futhi ekhala. Futhi wonke umuntu embuka. Wayekade enyuke waya kwesinye isithombe, somunye wesifazane osewafa ofanele ukuba ngongcwele. Futhi angikusho lokhu ngokugxeka. Ngikusho ngasohlangothini lweZwi likaNkulunkulu. Ngokoqobo, nangokumsulwa, kungukukhonza imimoya yabangasekho.

96 IBhayibheli lathi, "Akukho-mkhulumeli, akukho-mlamuleli, phakathi kukaNkulunkulu nomuntu, kuphela nguMuntu uKristu Jesu."

97 Uma ibandla lasekuqaleni laliyiKatolika, pho bashintsheleni; uma iKatokika lakulahla ngokugxeka, naleliKatolika liyakwemukela na? "Yizwe lowesifazane." Umoya nesiqubulo, yileso namhlanje. Futhi yiqiniso lelo. Kunjalo impela.

98 Futhi ngibikezela ukuthi owesifazane uyoba ngowesifazane omkhulu. Nina bantu abasebancane enilapha kulobubusuku, nikhumbule ukuthi uMfowethu Branham ukushilo lokhu. Futhi ngakusho ngo '33, ngenkathi ngibona ukuFika kweNkosi. Nokuthi izimoto ziyoqhubeka kanjani zimisisa okweqanda, kuyoze kuthi ekugcineni zimisise okweqanda ngokuphelele. Mhlawumbe ingxenye yenu lapha iyakwazi; kubhalwe emaphepheni amadala nezinto. Ngokusa ngenkathi singapha eMasonic thempeli encane lapho esasine. . . noma esigodlweni sezintandane ngapha, ko—kolandelayo, emgwaqeni wesibili ngale, lapho esasinomhlangano khona. Futhi ngabona owesifazane ephakama, enenhlamba lokhu okuxakile, futhi wabusa izwe. Futhi ngibikezela ukuthi owesifazane kuyoba phakathi kokuthi uba nguMongameli, noma uyakwenza, noma

ungena emandleni amakhulu ohlobo oluthize, eUnited States, ngaphambi kokushabalala okuphelele kwezwe. Kugcineni emqondweni lokho. Ngikushilo.

99 Qaphelani manje ukuthi kwenzekani. UJezibele, ubusa uAhabi. Umkhahla macala onke. Kwakuvame ukuthi, ubaba-ndini . . . Noma, umama ahlale ekhaya nezingane ngenkathi indoda edakiwe ingekho. Sekungubaba-ndini manje ogada ingane ngenkathi owesifazane odakiwe engekho. Manje lokho akusiwo amahlaya. Lokho yiqiniso. Angikhulumi ngabantu abalungileyo. Qhabo, mnumzane. Ngibonisa kuphela umoya osezweni.

100 Manje qaphelani. Lokhu okusikho yini okukhangayo . . . Bukani ngezikhathi zika-Ahabi, ukuthi izwe lachuma kanjani. O, he! Unyaka omkhulu wegolide wawungalesosikhathi. Ukuthi uIsrayeli wachuma kanjani phansi kuka-Ahabi, lowomzenzisi, noJezibele wayengumbusi ngempela emva kwalo! Futhi leyo yi . . . Kinina zifundiswa ezinkulu zeBhayibheli. Njengoba uAhabi waganwa nguJezibele futhi wangenisa ukukhonzwa kwezithixo ebuJudeni, ngesikhathi sobumnyama, kanjalo nobuProtestane bugane ubuKatolika, futhi babuyisa ubuhedeni bangena ebandleni lamaKristu. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kanye—Umhl.]

101 Futhi namhlanje, khumbulani, ibandla lamaProtestane lalibizwa ngesifebe, ngokuba lalibizwa ngonondindwa, futhi. Kukhumbuleni lokho. Ngakho, ibhodwe ngeke labiza iketela ngokuthi limnyama. Ungeke wagxuma emlilweni, ekufrayini . . . ipani lokufraya, ungene emlilweni, ukuba uzisize.

102 Kodwa, ake siqaphele iQiniso. IQiniso yilokho esikufunayo. Singabantu abaqonde ePhakadeni, futhi sifanele sihlangabezane noNkulunkulu. Futhi asithole iQiniso.

103 Manje ngifuna niqaphele, uma nithanda. Lapho kwafika . . . Njalo, uNkulunkulu wathumela phansi . . . Noma, into yokuqala, uJehoshafati, umuntu olungileyo, wehla ezovakashela uAhabi, wase-ke ezifaka enkathazweni.

104 Ungeke waxuba okulungile nokungalungile ndawonye, bese uthola noma yini kukho. Ungeke wafaka amafutha namanzi; ngeke kuxubane. Kanjalo nawe ungeke, ohambisana nabo nozihlanganise nabo, ube nezinto zezwe, futhi ube usalokhu uphila impilo yokunqoba. IBhayibheli lathi, "Phumani kubo, nizahlukanise, isho iNkosi." Manje, niyabo?

Kodwa, wena uthi, "Awu, Mfowethu Branham!"

105 Ngi—ngiyazi, kodwa, uthatha ukuhlakanipha okungokwakho. Kuphambene neZwi. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kane—Umhl.] NeZwi liyiQiniso. Ngiyalikholwa iZwi.

106 Manje qaphelani, uJehoshafati wehlela kwaAhabi, futhi, o, wabeka elikhulu idili. Impela. Besingalibiza, namhlanje, ngesisho sasemgwaqeni ukuthi, "ziyaduma." Bamema wonke umuntu. Babulala inkabi, njalonjalo, nemvu. Futhi babenedili elikhulu phakathi kwabo.

Kungaleyonkathi lapho ikholwa lingena khona enkathazweni.

107 "O, ngiyakutshela, unomqondo omncane, leyondawo yabaginqiki abangcwele. Yilokho kuphela. Ubokuza ebandleni elikhulu. Ubokuza. O, ungabona! Umelusi wethu une D.D., D.D., Ph.D." Niyabo, "Umelusi wethu—wethu! Ikhwaya yakithi icula njengeziNgelosi." Lokho akuhlangene naLo, uma kuphambene no ISHO KANJE INKOSI. Manje, i . . .

108 Futhi ngenkathi bebulala inkabi, futhi benedili elikhulu, uAhabi wayenalo elinye ikhambi kulokho. Nezinjongo zakhe zaziyiphutha. Wayezama ukwenza umbukiso omkhulu, ukuba acuphe uJehoshafati.

109 Futhi leyo yinto efanayo uDeveli azama ukuyenza namhlanje. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kathathu—Umhl.] "Awu, yithina esibaningi ngesibalo." Impela.

110 IBandla likaNkulunkulu njalo belisengcosaneni ngesibalo, kuze kufike uJesu. "Ungesabi mhlambi omncane, kwathandeka kuYihlo ukuninika uMbuso." Kunjalo. Sisengcosaneni ngesibalo, kodwa lokho kulungile. Inqobo nje uma uNkulunkulu ekhona, kuselokhu kuyiningi ngesibalo, kimi; futhi ngiyazi ukuthi kuyilo, kini. Ngokuba, "Uma uNkulunkulu enani, ubani ongamelana nani?"

111 Manje, kodwa, wayene—wayenenjongo emva kwalo. Futhi lapho enza, wathi, "Manje njengoba sonke silapha futhi sinesikhathi esikhulu kanje! Ungenyukela nami eRamoti-Gileyadi, ukuya empini na? Ngoba, eqinisweni, iSiriya ilithathile enhla lapho, kodwa iRamoti-Gileyadi lingelami. Yilo ngokomthetho. Sinelungelo. Yithina ibandla lokuqala. Sinelungelo." Niyabo?

112 Wayesethi uJehoshafati, "Awu, manje, njengoba sinesikhathi esimnandi," wathi, "amadoda ami injengamadoda akho. Ngani, sonke singamakholwa, empeleni, ngakho asihlangane ndawonye." Wenza iphutha elibanga ukufa. Walenza. Futhi uJehoshafati, engowomoya ngokwanele . . .

113 Njengoba ngikholwa, ngenhliziyo yami yonke, ukuthi kwakungumfanekiso walolusuku. Impela, ndawondawo, ngandlela-thize, uNkulunkulu uzoyisa uMlayezo koqinisile enhliziyweni. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kathathu—Umhl.] Wathi, ekuqaleni, Wayezokwenza, ngakho Unohlelo olusemgqeni. Mangi . . . [Akuqoshwanga eteyipini.] Yibani semgqeni naLo nje.

114 Manje mbhekisiseni. Wathi, "Impela, ngizokwenyuka nawe. Kodwa," wathi, "awume kancane. Ngikholwa ukuthi, ngaphambi kokuba sihambe, sifanele sibuze iNkosi. Awucabangi kanjalo wena na? Uma sonke singamakholwa, khona-ke asibuze iNkosi."

115 "Awu," uAhabi wathi, "ngempela, kulungile. O, yin'indaba ngingacabanganga ngalokho na? Impela. Bekufanele ngicabange ngalokho, sonke isikhathi." Wathi, "Nginamakhulu amane abaprofethi abedlula wonke okhona esizweni. Nginabo bonke bembethe kahle. Bonke bano D.D.D., oPh.D., nazo zonke izinto. Banenhlangano enkulu ezansi lapha, abaprofethi, ngakho ngizovele ngibakhuphule nje futhi sizobona ukuthi bathini."

116 Niyazi, lokho nje akushayanga kahle hle phansi kuJehoshafati kahle nje. Wenza . . .

117 Ngakho behla babathola, bonke abaprofethi abangamakhulu amane, bondleke kahle, begqoke kahle. UAhabi wayebondla ngokwakhe. O, wayebenza benze khona impela nje ayethi akwenziwe.

118 Nakho lapho okhona. Nakho lapho okhona. O, impela, "Sinamabandla amahle lapha, izindawo ezinkulukazi." Kodwa, izikhathi eziningi, uma umshumayeli eshumayele ngaphezu kwemizuzu engamashumi amabili, ibhodi yabadikoni iyamnquma ebandleni. Kodwa, ayibusiswe inhliziyo yakho, indoda kaNkulunkulu ingeke iwulalele lowombhedo. Kunjalo. Uma isigobe kakhulu esonweni, ngani, lonke ibandla liyovotela ukuthi ayikhishwe; kodwa lokho kungenxa yokuthi isehlelweni. Kodwa eBandleni likaNkulunkulu, awuvotelwa ukuthi ukhishwe noma ufakwe. Uzalwa khona, kanye, okwaPhakade, kuze kube-phakade. NguNkulunkulu kuphela ongakukhipha; futhi Wazifunga Yena, ukuthi Akasoze akwenza. Amen. Uyazi ukuthi wena wakhiwe ngani ngaphambi kokuba Akufake. Akaliphathi ibhizinisi laKhe ngokuxega njengoba kwenza izinhlangano zethu, zibafake, izinsuku ezingamashumi amathathu—amathathu, noma izinsuku ezingamashumi ayisithupha, noma izinsuku ezingamashumi ayisishiyagalolunye, usavivinywa. Uyazi ukuthi bayini ngaphambi kokuba bakhulume, ngaphambi kokuba baze bangene eBandleni. Wazi kahle kamhlophe ukuthi bakhiwe ngani. Yingalesosizathu kufanele kube ngukuzalwa ngokusha.

119 Manje, ngenkathi ebehlisela bonke lapho, futhi wahlala esihlalweni sakhe sobukhosi, omunye wahlala esihlalweni sakhe sobukhosi, bahlala phandle lapho. Wayesethi, "Yenyusani bonke abashumayeli, abaprofethi." Futhi bonke baphuma, futhi bedlula ekuvivinyeni kwabo. Futhi babenesikhathi esikhulu, kahle.

120 Wathi, "Manje, ababukeki kahle na? Lalelani ulwimi abalusebenzisayo." O, he! Babekhuluma ngokukhukhumele

kanjani, niyazi! [UMfowethu Branham ishaya ihlombe kanye—Umhl.] O, "Ahhhh-men," nawo onke lamasu abo abedlula kuwo. Futhi babenayo yonke ingxubevange lapho. Babenakho konke.

121 Ngakho, ngenkathi, into yokuqala niyazi, wathi, "Yenyuka! INkosi ithi, 'Yenyuka!'"

122 Wathi, "Manje uyabo, Jehoshafati? Uyabona, bengiqinisile, empeleni."

123 Ngani? Bayazi ukuthi bazothini. Bafanele bazi ngempela ukuthi bathini, kungenjalo babelahlekelwa yizincwadi zabo ezibachazayo. O, yebo, mnumzane. Indoda yesigodi iyafika, negosa lombuso, futhi, ngiqonde ukuthi, banqunywa ebandleni, ngokukhulu ukushesha, uma bengashongo izinto ezinhle nge—ngesandla esasibondla. Isizathu, abakwaziyo kuphela wukudla okuphathekayo, empeleni.

124 Ngiyajabula ukuthi kukhona iSandla esaba nezibazi, esondla iBandla likaNkulunkulu.

125 Qaphelani. Manje ngibabonile bonke beprofetha, "O, yebo, nkosi! ISHO KANJE INKOSI, 'Yenyuka!'" Futhi manje, into eyisimanga yile, babephefumulelwe ngempela.

126 Kodwa manje bhekisisa. Kodwa lolohlobo lokuphefumulelwa aluzange lushaye kuleyondoda kaNkulunkulu, uJehoshafati. Wathi, "Awume kancane. Ngikholwa ukuthi ngenze iphutha lapha. Kukhona okungalungile. Bengingafanele ukuzixubanisa kulokhu." Niyabo? Inkabi iyawazi umkhombe womniniyo. Niyabo? Kukhona-ke wathi, "E, e, uzoxola, Mnu. Nkosi Ahabi, kodwa, e, awusenaye omunye oyedwa, omunye umprofethi na?"

127 Ngani, uAhabi wayengathi, "Awu, amakhulu amane, nganhliziyonye, amadoda afundiswe kakhulu okwedlula onke esinawo, futhi nanka anhliziyonye, athi, '*Lena* yintando kaNkulunkulu! *Lena* yintando kaNkulunkulu!'"

128 Wathi, "Akuzwakali nje kahle, ngandlela-thize," phansi enhliziyweni yakhe. Amen. O, senilungele na? Nakhu. Wayazi ukuthi lokho kwakungezwakali njengeZwi likaNkulunkulu. Wathi, "Akekho nje omunye?"

129 Manje lalelani. UAhabi wathi, "Yebo, sinomginqiki ongcwele. Sinaye oyedwa ogama linguMikhaya. Kodwa, ngiyakutshela, ngiyamzonda." O, yebo! "Sisenaye oyedwa, kodwa akekho enhlanganweni yethu. Bamnquma kudala ebandleni. Uphandle lapho egqumeni ndawondawo. Igama lakhe nguMikhaya."

130 UJehoshafati wathi, "Ngingathanda nje ukuzwa ukuthi uthini." Amen. Niyabona na? Umfanekiso wanamhlanje. "Akasekho nje omunye oyedwa na?"

131 Wathi, "Yebo. Kodwa, o, uwuhlanya! Njalo nje usho izinto ezimbi ngami." Wayengayisho kanjani enye into, lapho iZwi likaNkulunkulu lalisho izinto ezimbi ngaye! "Ngani, ulahla ngokugxeka ngisho izinhlangano zethu. Ngani, ungumbhidlizi webandla. Yilokho kuphela okukukho. Awu, abaprofethi bazama ukumthatha bamehlise futhi bamnike iziqu zakhe zaseNyuvesi, kodwa, o, akahlalanga athule. Waphuma egqishazela khona lapho. Uwuhlanya oludala nje." Niyabo?

132 UJehoshafati wayenoMoya kaNkulunkulu owenele ngaye, kuvela kuyise, wathi, "Ngingathanda ukumuzwa. Hamba umlande."

133 "Awu, ngiyakwexwayisa. Ngiyakwexwayisa. Ugxaza amathe nakho konke okunye. Akanaso nje isizotha lababanye abafo abanaso."

"Ngingathanda ukumuzwa."

"Izimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi. Umfokazi azimlandeli."

134 Kwenzeka ukuthi uJehoshafati wayengelinye lamawundlu kaNkulunkulu. Wathi, "Lokho akuzwakali nje kahle." Akunakho okulungile . . . Kunokukhehlezela, kodwa akunakho ukukhala kwensimbi. Njengethusi elikhencezayo nensimbi encencethayo; akuzwakali kahle. "Njengokuthela uphizi esikhumbeni senkomazi esomile," njengoba uRoy Davis wayevamise ukusho. "Akuzwakali nje kahle."

135 Wathi, "Ake ngizwe lomfo owuhlanya, njengoba umbiza kanjalo. Lo ongeke ajoyinana nenhlangano yethu, nalo enemibono yakhe nje." Ngoba, wayazi ukuthi leyondoda kufanele ukuthi ineqiniso, ngoba wayazi ukuthi lokho kwakungenjalo.

Ngakho, wathi, "Ngizothumela, ngimlande, ke."

136 Ngakho, nampaya bephumela emagqumeni, behlela nasendleleni engumngcingo, noma yikuphi lapho ayeshumayela khona, noma imishini encane. Futhi nakhu kungena isigijimi.

137 Futhi kwathi besahambile, o, he, babenokuthukuthela njengengane ngempela! Ngani, ngisho nomfo oyedwa, othiwa nguZedekiya, wahamba wafaka izimpondo ekhanda lakhe. O, mfowethu, wayenesambulo sikahle nje. Wayenamafutha ezandleni zakhe, nakho konke okunye. Wayenesikhathi ngaye. Yebo, mnumzane. "O, ISHO KANJE INKOSI, ukuthi sizoyidudula kanjani iSiria ithi ngqu ibuyele ezweni layo, ngalezizimpondo!" Babenesikhathi.

Ngakho, isigijimi esafikayo, sathi, "Mikhaya?"

Wathi, "Yebo."

"Uyindodana kaIma?"

"Yebo, ngiyiyo."

"Ungumprofethi, umginqiki ongcwele, uhlanya?"

"Awu, ngicabanga ukuthi yimina lowo."

"Awu, inkosi ifuna ukukubona."

138 "O, iyafuna?" UMikhaya wayesevele esekwazi lokho, akungabazeki. INkosi yase ivele imtshelile ukuthi wawumayelana nani wonke lowombuthano ezansi lapho. Ngakho, wasukuma.

139 Ngakho, wathi, "Manje, awume kancane. Ngaphambi kokuba uqale lemvuselelo, ngizokutshela ukuthi ufanele ushumayele ngani. Manje, bonke abanye abashumayeli abashumayeli ngalezizinto. Ungasho lutho ngomjaho wamahhashi, futhi ungasho lutho nga *lokhu*, futhi—futhi, noma *lokhu* na *lokho*, ngoba, niyabo, abanye abashumayeli abakusho lokho. Kodwa wena shono into efanayo nabayishoyo." Manje, yilokho okwakungaba yikho namhlanje.

140 Manje sizosho lokho okushiwo ngumBhalo. Wathi, "Mikhaya, abanye abaprofethi baprofethe kahle ngenkosi yethu. Futhi manje, uyazi, iyindoda enesithunzi," ngeny'indlela. "Manje ufanele usho into efanayo yona, abayishoyo, futhi uprofethe okuhle."

141 Wathi, "Kuphila kukaNkulunkulu wami, ngiyosho kuphela lokho uISHO KANJE INKOSI ayikhona." Amen. Nkulunkulu siphe abanye oMikhaya; hlala neZwi. Angahle ukuba wayengenakho konke okufekethisiwe abanye ababenakho. Angahle ukuba wayengenaso isiqu semfundo omunye ayenaso, iPh.D. Angahle ukuba wayengenakho ukugqama emphakathini. Angahle ukuba wayengenayo iD.D., enkulu phambi kwabantu. Kodwa wayeneZwi. Amen. O, yilokho-ke. Wayazi ukuthi uNkulunkulu wayezoligcina iZwi laKhe. Ngakho wathi, "Lokho nje uNkulunkulu angitshela ukuthi angikusho, ngiyosho into efanayo uNkulunkulu ayishoyo."

142 Futhi uma uNkulunkulu ebikezela lezizinsuku zokufika, kubikezela lento eyiphutha, ukukhonzwa kwabesifazane, noma ukukhulunyelwa ngabangcwele, noma ukudlelana kwabangcwele; uma Ewulahla ngokuwugxeka wonke lombhedo, nalezi ezinye izinto. Futhi uthi, "NjengoJane noJambre bamelana noMose, bayoba njalo nalaba ngezinsuku zokugcina." Ngiyayilahla ngokuyigxeka into, eZwini likaNkulunkulu, futhi lithi kuyiphutha.

143 Hlala neZwi. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kabili—Umhl.] Anginandaba ukuthi mangaki amadlingozi owezwayo, ungagxuma kangakanani futhi umemeze, ungakwenza kangakanani *lokhu*, o*kunye*. Uma uMoya kaNkulunkulu ungakuholeli kwehlanzekile, impilo ephelele phambi kukaNkulunkulu, lahla ngokuyigxeka into. UNkulunkulu wayefuna ube namafutha, Wayeyokwenzela amafutha omnqumo noma umthombo ka oyela waseTexas. Ake

ngikutshele okuthize, uNkulunkulu une nhloso ngayoyonke into. Hlala neZwi. Okushiwo yiBhayibheli, hlala naKho. Kuyi Urimi Thumimi kaNkulunkulu.

144 Futhi uMikhaya omdala, umprofethi, wahlala eZwini likaNkulunkulu; wehlela lapho, enesibindi nje njengengonyama. Ngalobobusuku iNkosi imnika umbono. Wayazi lapho wayeme khona. Futhi bhekisisa. O, mfowethu! Abanye babenawo umbono, nabo, kodwa umbono wabo awubambisananga neZwi likaNkulunkulu. Kodwa okaMikhaya wawuneZwi likaNkulunkulu. Ngoba, uElija, owayeneZwi likaNkulunkulu, umprofethi, umbonisi, wayesevele ekushilo okuyokwenzeka kuAhabi. Ngakho-ke wayengasho kanjani uMikhaya ukuthi kwakuzokwenzeka into enhle, uma iZwi likaNkulunkulu lalithe kwakuzokwenzeka okubi na? Ngakho, wayeneZwi.

145 Mfowethu, kungakhathaleki ukuthi umbhoshongo uphakeme kangakanani, noma abantu abagqoke kahle bahamba kanjani, ukuthi mfundoni umelusi anayo, kumbe noma yini mayelana nalokhu, noma yini eshiwo uMbhishobhi Scheen, kumbe noma ubani omunye, uma kuphambene naleloZwi, deda kukho. Hlala eZwini. Kukhona lapho isisebenzi inceku yeqiniso kaNkulunkulu elele khona, kuleloZwi ngqo. Kunjalo.

146 UMikhaya wenyukela lapho, futhi wabona umbono wakhe. Futhi lapho eseprofetha, futhi wabona umbono, wakubona lokho kubambisana impela neZwi, Lihlangana okwesisila sejuba impela. Wayazi ukuthi wayeno ISHO KANJE INKOSI. Wenyukela lapho.

147 Futhi wathi, "Mikhaya, ndodana ka Ima, ngiye eRamoth-gileyadi, noma ngihoxe na?"

UMikhaya wathi, "Qhubeka wenyuke."

148 Wathi, "Manje lokho akuzwakali kahle." Wayazi ngisho kangcono, qobo lwakhe.

149 Futhi abaningi balabo bantu bajoyina lezo zinto ezinkulu ezinesithunzi, ukuze nje bathandwe ngabantu. Bazi okwehlukile. UMoya wokuPhila osebenza ezweni, uyobatshela ukuthi kwehlukile, uma bebenayo inhlansi yokuPhila ngabo empeleni. Balandela lezizinto ezifekethisiwe, zamaxoxo agxumayo, namabhungane andizayo, nokuqhaqhazela, nokugxuma, nokugijima, nakho konke, lapho bazi ukuthi lokho kuphambene. Kodwa bahamba nakho ngenxa yamadlingozi. Ubani onendaba namadlingozi na?

150 Ngifuna uISHO KANJE INKOSI, kunjalo, lokho okushiwo yiZwi. Manje, ngikholwa yinkolo ezwakala enhliziyweni. Ngikholwa yinjabulo, engikwazi ukuyazi. Ngikholwa aMandla kaMoya oNgcwele. Ngikholwa ukuphilisa kobuNkulunkulu. Ngikholwa yizo zonke izibonakaliso zokwenza zeziphiwo, kodwa zifanele zibekwe ngokwenhlonipho eMzimbeni, zihambisana ngokuzwana ncamashi neZwi.

151 Uma ngiyongena endaweni futhi ngiqale ukushumayela, ngibizele ealtare, owesifazane usukuma akhulume ngezilimi. Awu, ihlazo elinje pho! Kuyi—kuyinto embana kabi lokho! Lokho kukhombisa ukuthi umelusi wabo akekho eZwini likaNkulunkulu, kungenjalo ubezoyimisa leyonto, futhi wathi, "Ungakwenzi lokho." Niyabo? Akukho okumelene nesiphiwo; sisetshenziswa kabi. Niyabo?

152 Nezinto eziningi, bengingathatha amahora ngakho. Niyazi ukuthi ngikhuluma ngani. Lokho yilokhu, impela, ubuKatolika nobuProtestane. Kodwa, hlalani eZwini.

153 Qaphelani, manje. Futhi ngenkathi ebona umbono, wahamba wayesemtshela. Wathi, "Yenyuka."

Wathi, "Ngiyakukufungisa kaningi kangaki ukuba ukhulume kimi iqiniso!"

154 Wathi, "Kodwa ngabona uIsrayeli ehlakazekile, njengezimvu ezingenamalusi."

155 Wayesethi, "Ngikutshelile. Ngikutshelile. Ngazile ukuthi uzothini, ungakamlethi lapha." Kunjalo. Akukho okunye ayengakusho. WayeneZwi likaNkulunkulu Akukho okunye ayengakwenza ngaphandle kokuthi ayilahle ngokuyigxeka into.

156 Futhi ngithi, kulobubusuku, ngasohlangothini lweBhayibheli, ngiyawulahla ngokuwugxeka lombhedo, amadlingozi, ubuhlanya, nezinto ezithi, "IZwi likaNkulunkulu, akukho lutho kuLo; nebandla liqinisile," nayoyonke enye into. Ngikulahla ngokukugxeka, eGameni likaJesu Kristu, egunyeni leZwi likaNkulunkulu. Amazulu nomhlaba makwedlule, kodwa iZwi likaNkulunkulu liyohlala kuze kube-phakade liyiQiniso. Kunjalo.

Manje, wathi, "Qhubeka wenyuke uma ufuna."

157 Futhi kwenzekani na? Lomfo wayenawo onke amadlingozi amakhulu, enesikhathi esimnandi, wahambahamba, ngoba wayeyi—wayeyinhloko yebandla. Wahambahamba futhi umshaya esihlathini, ngesandla sakhe, wammukula. O, sengiyamuzwa ethi, "Ungomncane, oyinkohlisa, umginqiki ongcwele. Waya ngaphi uMoya kaNkulunkulu, usuka kimi, lapho Uya kuwe na?"

158 Wathi, "Uyazi ukuthi ngabonani?" Wathi, "Ngenkathi nonke ninesikhathi esikhulu ezansi lapha, nepathi yenu enkulu, njengoba yayinjalo, ezansi lapha, kukhona into ethize ebeyenzeka eZulwini, ngesikhathi esifanayo."

159 Futhi ngiyanitshela, ngenkathi amadodana olahleko esesesibuyeni sezingulube, neMelika idansa ngaphansi kwesigqi sodumdum nomculo wokuzibinya, noElvis Presley nawabo athi Ubani oThanda uSucy, kukhona umhlangano eZulwini owenzekayo manje.

160 Wathi, "UNkulunkulu uvule amafastela wase engivumela ngibuke phakathi. Ngenkathi ninesikhathi senu somculo wokuzibinya, uNkulunkulu ungivumele ngibuke phakathi eZulwini, futhi phakathi Lapho ngibone eny'into.

Wathi, "Uboneni na?"

161 Wathi, "Ngabona ibandla elikhulu lonke likaNkulunkulu, uNkulunkulu, lihlezi ngakwesokudla nangakwesokunxele. Futhi kwakukhona iziNgelosi ngasesandleni esisodwa nangakwesinye isandla." Wayesethi, "Ngenkathi ngibona iziNgelosi, eyodwa ihlezi ngasesandleni esisodwa nenye ngakwesinye, ibandla lonke laseZulwini libuthene phezulu." Wayesethi, "UNkulunkulu wathi, 'Ubani eNgizomthola ukuba ehle na?'" O, he! Lalelani. "'Ubani eNgingamthola ukuba ehle, ukuze senyusele uAhabi lapho ukugcwalisa iZwi laMi, elakhulunywa ngomprofethi waMi na?'" [UMfowethu Branham washaya phezu kwepulpiti kathathu—Umhl.]

162 Hlala neZwi, mfowethu, kungakhathaleki ukuthi mangaki amapathi omculo wokuzibinya, nokuthi bawushaya kangakanani ebandleni, nokuthi bawudlala kangakanani ebandleni, ukuthi bakwenza kangakanani *lokhu, lokho*, noma o*kunye*. Hlala neZwi. Kunjalo. UNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe, sonke isithembiso. [UMfowethu Branham washaya phezu kwepulpiti kasikhombisa—Umhl.]

163 Qaphelani. "Kodwa wathi, 'Ubani esingamthola ukuba ehle na? Ubani esingamthola ukuba ehlele lapho enyusele uAhabi lapha, ngoba kufanele kugcwaliseke na?'"

164 Wayesethi, "Ngabona umoya wamanga wenyuka. Wathi, 'Akuye mina. Ngizokwehla ngingene kubobonke labobabhishobhi, nalabobaprofethi, nazo zonke izigungu zombuso, nabobonke abanye. Futhi ngizobaphefumulela ukuba baprofethe amanga, ukuze ngibenyusele lapho.'"

165 Manje ake nime kancane. Yimani. Senilungele na? Ukuphefumulelwa, ukuphefumulelwa okungabambisani neBhayibheli, ngukuphefumulelwa okuyiphutha.

166 "Mfowethu Branham, singaqiniseka kanjani ukuthi siqinisile na? Sibona kuqubuka *lokhu*. Sibona kuqubuka *lokhu*, nazozonke lezizinto, nezinto ezifekethisiwe." Hlala neZwi!

167 Impela, babephefumulelwe bobabili. Kwakukhona nangu umfo omncane, ezimele yedwa. Wayephefumulelwe. Nakhu kwakukhona amakhulu amane, ababhishobhi abahle, futhi babephefumulelwe. Futhi ngamunye ethi, "ISHO KANJE INKOSI."

"Kodwa sazi kanjani ukuthi ubani oneqiniso na?" Hlala neZwi.

168 UMikhaya wayeneZwi, futhi wayazi ukuthi ububi babufanele buphathwe ngobubi. Wayazi ukuthi lokho-

kuzenzisa, leyonkolo yokuzenzisa, leyonto eyayinenqwaba yokuzenza-mkhulu, noJezibele ozipende konke, nazozonke lezi ezinye izinto, kwakufanele kubhekwane nazo ngesandla sikaNkulunkulu ophilayo. Ngokuba, umprofethi, iZwi likaNkulunkulu, lasho njalo.

Wena uthi, "Ngabe umprofethi wayeyiZwi likaNkulunkulu na?" Yebo, mnumzane.

169 Ningesabi. "INkosi isikhulumile endulo koyise ngabaprofethi ngamathuba amaningi nangezindlela eziningi, ekugcineni kwalemihla ukhulume ngeNdodana yaKhe, uKristu Jesu." Kunjalo. Impela, kwakuyiZwi likaNkulunkulu.

170 Babekhona lapho, bephefumulelwe, bacabanga ukuthi babeqinisile! Angisho ukuthi babengeqotho. Babeqotho. Babengamadoda amakhulu. Babengesiwo amadoda angafundisiwe. Babengesiyo nje indoda yasebusuku. Babengamadoda amakhulu, efundiswe eZwini, ephefumulelwe. Kodwa ukuphefumulelwa kwawo akubambisananga neZwi leBhayibheli. Yingalesosizathu uMikhaya ayazi ukuthi babenephutha.

171 NeBhayibheli lasho, ukuthi, "Ngosuku lokugcina, abantu bayoba ngabazithandayo."

172 "Ngani, uqonde ukungitshela, ukuthi leyonto encane bengingatshelwa yiyo? Ngingumbhishobhi. Ngiyinhloko yo *kuthi-no-kuthi*. Ngingumfo omkhulu ebandleni eliKatolika. Ngimkhulu, kwiMethodisti, iBaptisti, noma ngisho kwiPentecostal. Ngiyigosa lasesontweni. Uqonde ukungitshela, uvumele leyondoda . . . " Kunjalo. "Uqonde ukungitshela *lokhu, lokho* na?"

173 IBhayibheli lathi, "Bayoba ngabazithandayo, abaqhoshayo, abazidlayo, abahlambalazayo, abangalaleli, abangabongiyo, abangengcwele, abangenamusa, abangazithibi, nabazonda abalungileyo; benesimo sokumesaba uNkulunkulu, njengoba benza nje, kepha Amandla akho bewaphika, iZwi." Uma bengakhulumi njengaLokho, akukho-kuPhila kubo. Kunjalo. "Benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha bekuphika okwaLo; labo-ke wobagwema. Ngokuba laba yibo ongena izindlu ngezindlu, nezincwajana zabo nemikhankaso, njalonjalo, futhi ehola abesifazane abasindwa yisono, bedukiswa yizinkanuko ezinhlobonhlobo, befunda njalo, kepha bengenakufinyelela eQinisweni."

174 Bahlobo luni na? UJambre noJane; benazozonke izinhlobo zemfekethiso nakho konke. "NjengoJane noJambre bamelana noMose, kanjalo laba bamelana neQiniso: abantu abonakele ingqondo, abehluleka eZwini." Bezama ukuthatha iZwi likaNkulunkulu bese beLihlanekezelela kwenye into, ekufekethiseni, noma inhlangano yezenkolo, noma bazakhele

igama elikhulu, noma bazithathele elinye igama elikhulu. "Labo-ke wobagwema." Hlala neZwi!

175 Kwenzekani na? Wathi, "Ngawubona lomoya wamanga wathi, 'Ngizokwehla, ngibaphefumulele. Ngizobenza baprofethe amanga.'" Nalawomadoda, ekuthanda kakhulu ukuthokozisa umphakathi!

176 O Nkulunkulu, sisize. Bekuthanda kakhulu ukuthatha lokhu, "Ukuba ngumfundisi obatshwa yizindlebe, uyofulatheliswa eQinisweni aphambukele ezinganekwaneni," njengoba uMoya oNgcwele wasexwayisa futhi wasitshela, ngezinsuku zokugcina, ukuthi bayobanjani. Bekuthanda kakhulu ukuthandwa ngabantu, bona uqobo, ukuthi omkhulu kakhulu umsakazo, ithelevishini enkulu kakhulu, noma igama elikhulu kakhulu, noma ukuzuza okukhulu kakhulu ebandleni, into ethize enkulu kakhulu, nokuziphakamisa kwakhe. Ekuthanda kakhulu ukuwenza lokho, baze behluleke ukukubhekisisa eZwini.

177 Kodwa, uMikhaya wayebhekisisa iZwi. WayeneQiniso. WayeneZwi. Qaphelani, kwase-ke, wakusho okwakuzokwenzeka.

178 Nalomfo wenyuka wase emshaya ebusweni, wathi, "Waya ngaphi uMoya kaNkulunkulu na?"

179 Wathi, "Uzokubona uma usuhlezi emagumbini ngamagumbi, ucashile."

180 Wayesethi uAhabi, "Mfakeni etilongweni lowomfo. Valani yonke lemihlangano, empeleni. Asisazifuni lezizenzo zabaginqiki abangcwele ngapha." Ungakhathazeki, kuyeza. "Mfakeni ejele bese nimupha isinkwa sosizi namanzi osizi. Futhi uma sengibuya ngokuthokoza, ngizobhekana naye," ngamany'amazwi, "ngizomnqum'ikhanda."

181 UMikhaya omdala, emi eZwini likaNkulunkulu, ewazi umbono wakhe. O Nkulunkulu! Azi kahle ukuthi umbono wakhe wawukanye neZwi likaNkulunkulu ncamashi, wawungeke wehluleke. Wathi, "Uma ubuya nokubuya, ngokuthokoza, kobe uNkulunkulu akakhulumanga kimi." Amen, futhi amen!

182 O, bantu! Ihora selileyithi. Kodwa ngifuna ukusho lokhu kuwe, mngane wami othandekayo. Unga (nhlobo) lulaleli uhlelo olukutshela ukuthi *Leli* akusilo iZwi likaNkulunkulu neQiniso. Ungalokothi ulalele noma yiziphi izifekethiso esingaveziwe futhi sabikezelwa yiNkosi uJesu Kristu. Isizathu, Yena, ngenkathi Efika uqobo lwaKhe futhi waphilisa abagulayo, Wakwenza kuphela ukuze iZwi ligcwaliseke. Kuphela ukugcwalisa iZwi!

183 Ubikezele kokubili, kwazozonke izinhlobo zamabandla. EZambulweni, 17, wathi, "Ngabona owesifazane, isifebekazi, ekhwele isilo esikhulu esibomvu, esiphezu kwamakhanda

ayisikhombisa." IVatican iphezu kwamagquma ayisikhombisa. Ngisanda kusuka lapho nje, ezinyangeni ezimbalwa ezedlule. Futhi lathi, "Wayengunina wezifebe," amadodakazi azalwa kuye. Noma yimuphi owesifazane omubi angazala indodakazi enhle. Kodwa bhekisisani. Yini isifebe na? Unondindwa. Yini lababesifazane abanegama elibi na? Ngabesilisa . . . Ngabesifazane abaphingayo futhi bahlale namanye amadoda engesiyo indoda yabo.

184 Nalababantu, lamabandla, azisho ukuthi ayizinceku zikaNkulunkulu nebandla likaNkulunkulu, nangenakubekezela futhi enza izinto zezwe. Ahlobonga ngokomoya. Avumela ibandla lawo apende, a . . . abesifazane bagqoke izikhindi. Futhi abavumela baphume futhi bagqokise okwezwe, futhi bangakulahli neze ngokuthi bakugxeke. Avumela amadoda abheme usikilidi wokuhlalisana nabantu, noma aphuze utshwala. Awavumela abe namapathi amancane amakhadi, bese edlala iphuli endlini engaphansi, futhi abenezindawo zokuvakasha nemidanso ebandleni, namasapha amasobho nayoyonke enye into, bese efundisa isanyensana yezenkolo encane esikhundleni seZwi likaNkulunkulu ophilayo. Niyazi yiqiniso lelo. Ngokuncane, okobungane, okwenziwe kwaba sasitabane, angazi ukuthi ini, kukaDeveli! Futhi eGameni likaJesu Kristu, ngikulahla ngokukugxeka, ngasohlangothini lweZwi likaNkulunkulu, futhi ngithi, "Sifanele sibe ngabaphinde bazalwa, abaphefumelelwe ngoMoya oNgcwele, abazelwe ngokusha, sihamba ekuzithobeni, naseBukhoneni bukaNkulunkulu, ukuze senze uHlwitho ezinsukwini ezizayo." Phendukani ezintweni . . . zikaNkulunkulu, ninabantu, niwe ngamadolo enu. Wena bandla likaNkulunkulu, ozisho ukuthi uqabule i—indingilizi yezibusiso zikaNkulunkulu, hlalani neZwi likaNkulunkulu. Futhi noma yini enye iphambene naLo, shukumani nidede impela kukho, futhi niqhube njalo. IziNkanyiso zakusihlwa zilapha. INkosi uJesu iyeza masinyane.

Singakhothamisa amakhanda ethu okwesikhashana.

185 O, kuloloSuku olukhulu, loloSuku losuku, naleyoNcwadi yezincwadi. "NeziNcwadi zavulwa, nawowonke umuntu wehlulelwa ngokwamaZwi elalilotshwe eNcwadini."

186 Wena ongowami ompofu, mngane odukisiwe, hhayi nonke . . . Yebo, mngane, nani enizame kwaba yize, futhi nalwa nomoya. Njengenyoni nje, ngaqaphela, izama ukuzishaya ngekhanda efasiteleni, ukuba icishe ukukhanya. Yenzani na? Kuphela i—iziphihliza kuphuma ubuchopho bayo uqobo. Ukukhanya kwaqhubeka nokukhanya.

187 Ngeliny'ilanga, phezulu lapho esiThombeni seNkululeko, phezulu engalweni enkulu, izinyoni ezincane kwakulele uyaca zife macala onke. Ngathi, "Bekwenzenjani?"

188 Indoda yathi, "Be—bekukhona isiphepho izolo ebusuku. Futhi esiphephweni, izinyoni ezincane zandizela ekukhanyeni. Esikhundleni sokusebenzisa ukukhanya ukuba ziye ekuphepheni, zizame ukushaya zicime ukukhanya, ngamaphiko azo amancane. Futhi zaziphihliza kwaphuma ubuchopho bazo.

189 Ungazami ukuziphihliza uphume ubuchopho bakho, ukuba wenze iZwi likaNkulunkulu lisho into Elingayisho. Unga. Ungazami ukubambisana nezinhlangano zemiphakathi zalolusuku, ngoba, "Uma uthanda izwe, noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho kuwe."

190 Awuthathi ngani nje ukuKhanya kweVangeli bese undizela ekuphepheni kulobubusuku na? "O, sivikele, Nkulunkulu."

191 Baba waseZulwini, njengabesilisa nabesifazane abahlezi lapha, abafana namantombazane, abantu abaqonde ePhakadeni izakhi-mzimba a—amapetroliyamu nesakhi-mzimba ikhozmikhi layithi kwalelizwe, nemisuka yezinto eyishumi nesithupha esakhiwe ngayo. Emizimbeni yabo ngumphefumulo oyigugu; isiqalo, ukuqala.

192 Futhi ngikhuleka kuWe, Nkosi, ukuba usebenzane manje nje naleyonhliziyo, lowomphefumulo, leyondawo ethambile ehlala kuze kube-phakade, esinikeza ukunyakaza kwethu. Futhi ngiyakhuleka ukuthi Uzosindisa sonke isoni esilahlekile, kulobubusuku. Kwangathi bangaqonda, ukuthi lezizigxobo ezinkulu ezikhomba amamayela esizedlulayo, lezizibonakaliso ezibaneka macala omabili omgwaqo, kungukukhomba kuphela ekubonakaleni masinya koLungileyo, iNkosi uJesu; Yena, oba ngumngane wabo, osho ukuPhila; ukwazi, ngukuPhila okuPhakade. Futhi singaMazi kuphela ngokweBhayibheli, hhayi ngebandla lethu; kodwa, ngokuZalwa, ukuZalwa okusha, ngokuzalwa ngokusha.

193 Futhi, Baba, ngiyakholwa, ngenhliziyo yami yonke, akukho-muntu oyisidalwa esisazokufa lapha, kanye nami uqobo, ozothanda ukulahlwa ngokugxekwa noma aye esihogweni. Futhi kungani singavumela into ime endleleni yethu na? Singayemukelelani inkohliso, zibe izibhakabhaka zigcwele okwangempela na?

194 Futhi ngenkathi umhlaba usesepathini yawo enkulu yaseBabiloni, bephuza iwayini, bephuza kakhulu utshwala edilini, abesifazane abagqoke uhhafu, izancinza njengoba uNebukhadnezari ayenazo, kukhona umbhalo wesandla onyakaza odongeni. Ababoni bayasibona siza, ophakama ngaphezu komuntu ojwayelekile. Siyakubona ngoba kulotshwe eZwini. "Akusekho-manzi, kodwa umlilo ngalesisikhathi." Futhi siyawubona umbhalo wesandla odongeni. Siyabona ukuthi zonke izizwe ziyalahlwa ngokugxekwa.

195 NoNkulunkulu uzothatha iBandla laKhe, abazelwe ngokusha. Ihora liyeza lapho labo abasemuva onyakeni

wamaLuthela, unyaka wamaMethodisti, kwehle njalo ngeminyaka, abalala benezinhliziyo eziqinisileyo, kuNkulunkulu. Ngenkathi ummbila useyikhasi elincane kuphela, nalapho futhi useyintshakaza. Kodwa kukho konke, kanyekanye, lokho kuphila kuyohlanganiswa ndawonye, nokuvuka kuyofika. Bonke labo bayokwenza uMzimba omkhulu weNkosi uJesu, ukushesha sekuseduze.

196 Wena wathi, "Labo abaLenqabayo bayophoselwa ebumnyameni obungaphandle, bokukhala izinyembezi nokulila, nokugedla amazinyo." Baba, Nkulunkulu, akukho-muntu obeyofuna ukuba lapho.

197 O, sihawukele, Nkulunkulu. Nangezinhliziyo zethu ezidabukileyo, namakhanda ethu ebheke ngasothulini, lapho Owasithatha khona, futhi uma Ulibala, siyobuya. Nkulunkulu, sihawukele, njengoba nginxusela lezizethameli ezilindile. Emva kwaloMlayezo kulobubusuku, ngikhulekela ukuthi Uzophaphamisa abantu ekuqondeni kokuma kwabo eBukhoneni baKho.

198 Futhi sisakhothamise amakhanda ethu, ngabe ukhona umuntu lapha . . . Bangaki, njalo, (kumele nibebaningi,) oqondayo ukuthi ukuphila kwakho akukabambisani neZwi likaNkulunkulu? Kade nitikatika. Benikholwa uhhafu. Futhi nithathe izwe elincane, nokuncane kwa *lokhu* nokuncane kwa *lokho*. Futhi niyagula futhi senikhathele yikho, kulobubusuku. O, najoyina ibandla, yiqiniso lelo; mhlawumbe anizange. Angazi. Kodwa, phambi kukaNkulunkulu, Yena esingama eBukhoneni baKhe ngaphambi kwasekuseni, kungahle kubekhona umcibisholo we atomu obhubhisa yonke lento, ekushabalaliseni, kungakasi ekuseni. Khumbulani, kusemini eRashiya manje.

199 Wathi, "Ababili bayobe besembhedeni," ngahle kube sebusuku kwenye indawo uma Efika, "oyedwa uyothathwa, omunye ashiywe."

200 Ngabe wenelisekile, enhliziyweni yakho, ngasohlangothini lweZwi likaNkulunkulu, usuzelwe ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu, nesithelo sikaMoya silandela impilo yakho, nothando, ukujabula, ukuthula ukubekezela, ukulunga, ukukholwa, ubumnene, ukukhuthazela na? Kuyakulandela na?

201 Uma kungenjalo, ungahluza kahle—kahle, angikubeke ngaleyondlela, ngokuphakamisa isandla sakho kuNkulunkulu, futhi uyakuvuma ukuthi usephutheni, uthi, "Nkulunkulu, ngihawukele, futhi ungisize ukuba ngibe luhlobo lomKristu Obungafisa ngibe yilo, ngokungipha uMoya oNgcwele futhi ungivumele ngiphile impilo yokumesaba uNkulunkulu"? Ungasiphakamisa nje isandla sakho kuNkulunkulu? UNkulunkulu akabusise ngamunye. Eziningi, izandla eziningi ziphakeme.

202 Manje, ngabe bakhona abanye abangathanda ukuphakamisa isandla sakho, ongenznga ngalesosikhathi na? Ungasiphakamisa isandla sakho na? Abesifazane . . . UNkulunkulu anibusise. Abesilisa, abesifazane, ngabe ngempela- . . . UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkuulu akubusise, dadewethu. UNkulunkulu akubusise, mfanyana.

203 Niyakuqonda yini lokho, indaba enzima yalokhu na? Awuzi ebandleni ukuba uzozwa uMlayezo nje . . . noma ukubona isithunywa, ngiqonde ukusho njalo. Uza ukuzozwa uMlayezo. NoMlayezo, ungu, uMoya oNgcwele uthatha iZwi likaNkulunkulu futhi uLinika wena.

204 Manje, nithini ngakho na? Mhlawumbe ekuseni isikhathi siyobe sesedlule kakhulu. Uyavuma yini, eBukhoneni bukaNkulunkulu, ukuphakamisa isandla sakho, wena ongakakwenzi okwamanje, futhi uthi, "Nkulunkulu, ngihawukele. Ngifuna uMoya waKho kimi na"? Ngokuba . . . UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise emuva lapho. UNkulunkulu akubusise, nawe, nawe, nawe. Yebo. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, mnumzane.

205 Ungavuma ukuba uthi, "Nkulunkulu, ngehlela endlini yoMbumbi. Ngiyagula ngikhathele. Bengifuna njalo impilo ehlukaniselwe. Futhi, kulobubusuku, ngehlela endlini yoMbumbi, ukubeka inhliziyo yami phansi, bese ngithi, 'Nkulunkulu, ibhidlize yonke, bese unginika inhliziyo entsha, umoya omusha, bese ufaka uMoya waKho maphakathi nayo.' Bese uvumela impilo yami ihambisane ngqo ngokweZwi laKho. Ngenze ngibe uMikhaya walolusuku, ukuze ngime ku ISHO KANJE INKOSI. Umbono wami nempilo yami, ukuthi—ukuthi ngiphila phambi kwaKho; hhayi mina, kodwa uMoya okimi, uphile impilo edingwa yiBhayibheli. Yileyondlela engifuna ukuba yiyo. O Nkulunkulu, ngesihawu saKho, ngenze kanjalo"?

206 Omunye manje, ongakasiphakamisi isandla sakho, ungakwenza manje. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise. Hlalani nje nithule ngempela, nisakhuleka. Onke amakhanda ekhotheme, onke amehlo evaliwe, wonk'umuntu ekhuleka. Kancane nje, kamnandi, kwemukeleni manje.

> . . . ukuguqulwa okusheshayo,
> Akukho lutho okomhlaba okunganyakazi okungema,
> Yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,
> Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!

Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!
Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!
Yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,
Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!

Zivalele noNkulunkulu manje.

Nxa uhambo lwethu seluphelile, (O!)
Uma kuNkulunkulu ubuqotho,
Elihle nelikhazimulayo ikhaya lakho eNkazimulweni,
Umphefumulo wakho owethabile uyolibona!

Manje kufanele wenzeni na?

Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo! (Lelo yiZwi laKhe.)
Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!
Yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,
Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!

207 [UMfowethu uqala ukuhamisha u *Bambelela ESandleni sikaNkulunkulu esingaGuqukiyo*—Umhl.] Ulapho impela ngakuwe.

208 Ngibuka emuva ngaphesheya kwezethameli manje, endodeni encane ethandekayo; eyatshela isithandwa sayo ukuthi sihambe kahle, ngelinye ilanga, okwesikhashana nje. Futhi nomunye ehlezi lapha, ndawo thize, eyatshela isithandwa sayo ukuthi sihambe kahle, nje okwesikhashana. Lapho bephuma, babebambelele esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo. Abayeni babo abathandekayo balapha, kulobubusuku, bebambelele esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo, ukwazi ukuthi bayobuye babonane nezithandwa futhi. O, bekuyoba njani ukuba babengenakho lokho na? O, yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade!

Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!

209 Baba wethu waseZulwini, njengoba umnyuziki kamnandi ushaya amanothi, nalona ngumlayezo. UMshumayeli, uMoya oNgcwele, ushumayela kithi manje ngomnyuziki, usitshela ukuthi asenzeni ngoMlayezo, kulobubusuku, "Nje bambelelani eZwini likaNkulunkulu elingaguqukiyo. Kodlula amazulu nomhlaba, futhi aguquke, kodwa iZwi laMi alisoze ladlula." Ngeke laguquka. YiZwi likaNkulunkulu ongaguqulekiyo.

210 "IZwi laKho ngilifihlile enhliziyweni yami," kwasho umhubi, "ukuthi angizukona kuWe."

211 Kubekhona izandla ezingamashumi amabili noma amashumi amathathu eziphakamile, kulobubusuku, Baba. Abesilisa nabesifazane ulizwile iZwi, lapho, "Ukukholwa kuvela ngokuzwa." Benze lesi esisodwa, isinqumo esenele konke, ukuthi ngosizo lwaKho nomusa waKho, kusukela kulelihora kuqhubeke, bazoKukhonza.

212 Manje Ungeke yini kamnandi, Baba, wehlele enhliziyweni yabo na? Faka uMoya waKho emoyeni wabo omusha. Udingeke ukuba ubaphe umoya omusha, kungenjalo bebengeke babambe isandla sabo. Bebengeke bakufise. Kodwa, behlele endlini yoMbumbi, futhi bavumele Wena uguqule amadlingozi abo nemibono yabo. Futhi manje, enhliziyweni yabo, kade bethambile.

213 Futhi Wena wathi, "Akekho ongeza kimi uma uBaba waMi engamdonsi." Bebengeke baziphakamise izandla zabo, kusukela komncane kunabobonke kuya komdala kunabobonke, ngaphandle uma Ubatshelile ukuba bakwenze. Bakwenze ngoba Wena ukhulume kubo. Futhi nguNkulunkulu, ebanika uKristu, njengesipho sothando. Banikele ngenhliziyo yabo.

214 Futhi singalizwa iphimbo laKho elikhulu lithi, "Ozwa iZwi laMi." Hhayi iBandla laKho; iBandla laKho lineZwi laKho, futhi Aliphambene neZwi laKho. "Kodwa Ozwa iZwi laMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade, futhi akayi ekwahlulelweni, kepha uphumile ekufeni wangena ekuPhileni."

215 Babusise, Baba, babenempilo ende, enokuPhila okuPhakade. Bese ubavusa ngoMuhla wokuphela, njengoba Wethembisile. Futhi kwangathi lena kungaba yinkonzo enkulu yokuzinikela, lapho abangcwele bakaNkulunkulu ophilayo beyothokoza futhi bahlunyelelwe.

216 Kwangathi abagulayo, bonke, uma ekhona okhona, kwangathi bangaphiliswa. Kwangathi uMoya waKho ungabonakaliswa, ngoKristu iNkosi yethu.

217 Manje amakhanda ethu ephakeme, umzuzwana nje. Angazi, wena ophakamise isandla sakho, ngikholwa ukuthi ukwemukele okushiloyo. Kodwa, futhi ngikholwa ukuthi ubuqotho. Futhi ngikuthatha eZwini likaNkulunkulu, eliyiQiniso.

218 Manje munye kuphela umbuzo, kuphi, ubukusho ngempela lokho na? Uma ubukusho, bekunguNkulunkulu engqongqotha enhliziyweni yakho. [UMfowethu Branham wayeshaya phezu kwepulpiti kathathu—Umhl.] Kunjalo. Manje, uma ubukusho ngempela lokho, khona-ke okudala kwedlulile. UNkulunkulu washo njalo. Ngeke kwaguquka.

219 UJesu wathi, "Ozwa amaZwi aMi akholwe ngoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade."

220 Ngicabanga ukuthi, uma ngempela kwenzekile enhliziyweni yakho, ukuthi uzozizwa ungothokozayo ngokwenele kuNkulunkulu, ukuthi uzothanda ukwenyukela ealtare laKhe lapha, futhi uguqe phansi bese uMbonga ngalokho Akwenzele khona.

221 Futhi ngenkathi udadewethu eqhubeka neculo elifanayo. Ngithanda ukuba bonke labo abaphakamise isandla sabo, kanye nalabo abangazange, abafisa ukuthi bafanele, abenyuke. Futhi asiguqe futhi sinikeze izwi lokubonga kuSomandla, ngalokho Asenzele khona. Lokho kufakazisa ukuthi beniqotho.

> Yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,
> Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!
>
> Nxa uhambo lwethu seluphelile,
> Uma kuNkulunkulu ubuqotho,
> Elihle nelikhazimulayo ikhaya lakho eNkazimulweni,
> Umphefumulo wakho owethabile uyolibona!
>
> Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!
> Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!
> Yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,
> Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo! O!

*NgiyeDlula*. Manje angazi . . .

222 Sinabelusi abaningi nabavangeli lapha, kulobubusuku, abathanda ukubona imiphefumulo iseMbusweni kaNkulunkulu. Angazi, abazalwane, uma ni . . . Woza lapha, melusi. Futhi angazi noma abazalwane bangayithatha yini indawo yabo khona ngapha *lapha*. Sizokwenzela lababantu abathandekayo umkhuleko.

223 Niyazi uk'thini? NgokweZwi, ngiLinika isisivinyo sokuhlolwa. Baphakamise izandla zabo ukuthi bebezolemukela iZwi likaNkulunkulu laPhakade, kulobubusuku, futhi bakholwe. Futhi ngithe, "Manje sikhulekile."

224 Manje bukani ukuthi uJesu wathini. Asikuthathe sikuyise eZwini manje. Sinenqwaba yokufekethiswayo, kodwa asikuthathe sikuyise eZwini. UJesu wathi, "Ozwa iZwi laMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade, akayi ekwahlulelweni, kepha usephumile ekufeni wangena ekuPhileni." UNkulunkulu washo njalo. Lokho kuqeda konke ingunaphakade. "Akakho," kwasho uJesu, "ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi. Nakho konke lokho uBaba aNgiphe khona, kuyoza kiMi." Akakho olahlekile. "Odla inyama yaMi aphuze iGazi laMi unokuPhila okuphakade, Mina ngiyakumvusa ngomuhla wokuphela."

225 O, kumangalisa kanjani, ukubuka kuleli altare, lapho umphefumulo owodwa, ubiza inani elingamazwe ayizinkulungwane eziyishumi. Abezele khona neze ukuzojoyina ibandla. Beza ngoba bayilunga loMzimba kaKristu. Beza lapha ukuzobonga nokukhuleka. Futhi ngikhulekela ukuthi uMoya oNgcwele uzobagcoba futhi ugcwalise zonke izinhliziyo, phansi naphezulu kuleli altare, kulobubusuku, ngonokuthula, nobumnandi, umoya othobile, ozothela izithelo nokulunga kukaKristu, inqobo nje uma kusekhona umphefumulo wokuphefumula emzimbeni wabo, futhi baye eKhaya, eNkazimulweni.

226 Abavangeli nabelusi bangeza bese bema bazungeze kanye nathi, sisenza umkhuleko, uma nithanda. Wonk'umuntu, akunandaba ukuzihlanganisa kwenu namabandla, lokho akuhlanganise lutho nakho. Sifuna nje ukuba nize, sibe macala onke ngqo abantu.

> Ngiyedlula, yebo, ngiye. . .(Lokho makube yinjongo yenhliziyo yakho.)
> Ngizokhokha intengo, amanye amaKristu ayikhokhayo,
> Ngizothatha indlela (njengoMikhaya) nabayingcosana abadelelekile,
> Ngiqale ukungena noJesu, futhi ngiyedlula.
>
> O, ngiyedlula, yebo, ngiye. . .
> Ngizokhokha intengo, amanye amaKristu ayikhokhayo,
> Ngizothatha indlela nabayingcosana abadelelekile beNkosi,
> Ngiqale ukungena noJesu, futhi ngiyedlula.

227 Ngi. . .Ngabe usekhona omunye ongathanda ukuthatha indawo na? "Unamahloni ngami phambi kukaBaba waMi, noma phambi kwabantu, Ngiyoba namahloni ngawe ekuseni, phambi kweziNgelosi."

228 Ngabe unamahloni phambi kwalezizethameli ezincane kulobubusuku, ukuthatha isinqumo sakho na? Unamahloni na? "OyoNgivuma phambi kwabantu, lowo Ngiyomvuma phambi kukaBaba waMi."

> Ngizothatha indlela, Nkosi. Ngiyedlula.
> Ngiqale ukungena noJesu, futhi ngiyedlula.

229 Yibani semkhulekweni nje, wonk'umuntu, besabonga kuNkulunkulu, ngokuxolelwa kwesono sabo.

230 O Nkulunkulu, Baba noMhlengi wesintu, laba bezile kulobubusuku, bevuma ukuthi kade bengabekiwe ngokweneleyo eMzimbeni kaKristu. Futhi bayeza, kulobubusuku, ukuthatha indawo eyiyona yabo ngokuqondisa kwesandla sikaNkulunkulu, neZwi.

231 Futhi siyakhuleka, manje, ukuthi Uzobabeka endaweni eyiyona eMbusweni, noma yikuphi lapho bezosebenza khona. Futhi kwangathi bona, nganhliziyonye, kulobubusuku, bangakholwa eZwini laKho elingcwele. Futhi kwangathi Wena, ngoMoya oNgcwele, ungakhuluma kubo, futhi kwangathi nje, ngokuphefumulelwa, baholelwe endaweni eyiyona eMzimbeni kaKristu, lapho Obabizele khona.

232 O Nkulunkulu, siKubonga kanjani ngalokhu! Lokhu kuhle kakhulu ebusweni baKho. Kuxhuxhumisa inhliziyo yethu ukubona abesilisa nabesifazane abazoguqa ngokuzithoba e altare, futhi bavume amaphutha abo, futhi banxusele umusa. Bathathe ubedlulise, Nkosi.

233 Izinceku zaKho ezigcotshiweyo, abefundisi beZwi, bami eduze kwalababantu, nami ngimi lapha eduze kwalelideski elicwebile.

234 Lona ngumzuzwana oyisimangaliso. IziNgelosi zikaNkulunkulu igxumeke ikamu lazo, ngasohlangothini lwalendawo, kulobubusuku. Ngokuba kulotshiwe eZwini, "IziNgelosi zikaNkulunkulu ziyamisa nxazonke kubo amaMesabayo."

235 Futhi ezweni elikhulu elingabonakali, manje elisizungezile, lishukumisa amadlingozi ethu ukuba siphenduke, nokuletha ububi phambi kwamehlo ethu, ukuthi senze iphutha. Ngezinhliziyo ezidabukile, sinikela izindlela zethu ezimbi, Nkosi, futhi sicela isihawu sobuNkulunkulu. Futhi kwangathi uMoya oNgcwele, Osethembise isihawu, siphe yilowo nalowo wethu, njengoba sinxusa ngokuzithoba futhi sicela uNkulunkulu ukugcwalisa iZwi laKhe, nokubumba izimpilo zethu nesimilo sethu ukuba sifithe eZwini laKhe. Sicela eGameni likaKristu.

*UNkulunkulu Uyaligcina IZwi LaKhe* ZUL57-0120E
(God Keeps His Word)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto kusihlwa, ngo Januwari 20, ngo 1957, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2013 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

